Downloaded from Stanmorephysics.com


basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESIBILI (P2)

## LWEZI 2025

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-38.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa ngamamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

Downloaded from Stanmorephysics.com


7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'Musani!' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'We Sinximfi Ndini!' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Impi' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |
| 4. 'Izingxabo Zomnyezane' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5. 'Nginawe' | Umbuzo omfushane | 10 | 11 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 13 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 13 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 16 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 16 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 19 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 19 |
| 12. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 22 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 22 |

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kulobu buciko bomlomo obumiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 14. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 24 |
| 15. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 26 |

**ISIQEPHU C: UMDLALO**
**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 16. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 30 |
| 17. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 30 |
| 18. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 33 |
| 19. *Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 33 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 36 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 36 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

### IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**MUSANI! – KNN Gcumisa**

Musani ukukhala,
Musani ukubibitheka,
Musani ukulila,
Nimlilelelani u … ma?
Kanazi yini ukuthi uyephi na?
Kanazi yini ukuthi ubizwephi na?
Kanazi yini ukuth' ungokabani na?
Kaniqondi yini ukuth' akuwenu na?
Pho, nihlushwa yin' um' esey' ekhaya?
Pho, anithokozi ngani um' esey' ekhaya?
Thulani nithokoze lokh' usebiziwe,
Thulisan' abathuthumelayo ngosebiziwe.
Vuman' ukuthi ubizwe nguyena.
Vulan' izinhliziyo zenu kuyena.

Imbongi ibona singekho isidingo sokukhala uma umuntu eficwa ukufa.

Hlaziya ngokuhlolisisa lesi sitatimende ubhekise ekukhethweni kwamagama, umoya nethoni kule nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**WE SINXIMFI NDINI! – MSS Gcumisa**

1 Qhumuk' uhleke
2 We Sinximfi ndini!
3 Uyisigqila somona,
4 Umon' ongumthakathi.

5 Yithi klibhi klolo
6 We Sichwensi ndini!
7 Ayisengangamlomo
8 Bakubonil' abanamehlo.

9 Nximfa unximfile
10 We sinximfi ndini!
11 Uyozuf' usongizandla,
12 Uyozuf' ungahlabananga.

13 Ngifel' umona
14 We Sifamona
15 Wen' ophila ngokwethekela
16 Abanye bephila ngezithukuthuku.

17 Cekeful' uzidelise
18 We Sicekefuli ndini!
19 Wen' obon' olwam' ugongolo,
20 Ucashelw' olwakh' usibi.

21 Gubhela kwesakho
22 We Gubhela ndini!
23 Kuhlafun' owakh' umhlathi
24 Eyabany' ingahlafuni.

25 Ngibamb' emehlweni
26 We Qili ndini!
27 Uthi lala lulaza
28 Bayokwengul' abakwengulayo.

29 Ngikhohlikhohlise
30 We Sikhohlisani!
31 Uthi kulele ngakunye
32 Kanti kulele ngakubili,

33 Ngiluth' ungithonye
34 We Sithonyi ndini!
35 Abant' abayi nganxanye
36 Bengemanz' egobhoza.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ngenzel' ugomolophonjwana
We Liphixiphixi ndini!
Bangiwezil' abangangifeli mona,
Sengize ngahlabana sengikhohliwe.

2.1 Shono isizathu esidala isigqi esinensayo ebinzeni loku-1. (1)

2.2 Nikeza okufanayo ngomoya otholakala ebinzeni lesi-2 nelesi-3. (3)

2.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumanamaphakathi ebinzeni lesi-4? (2)

2.4 Chaza ukuthi sinamthelela muni isimo sokukhuluma esitholakala emgqeni wama-31 nowama-32. (2)

2.5 Ake uncome imbongi ekwethuleni indikimba yale nkondlo. Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IMPI – SRC Shongwe**

Ngamaviyoviyo,
Kudedangendlale wenkundla,
Amaviyo nezingeqiwa ntwala,
Amaviyo namanxebakazi,
Amaviyo nemikhontshwana.

Lopha ngaphakathi igazi,
Uwonk' uyafis' ukuyilwa,
Akuyon' eyamanyamfokwe,
Ngimi nowami umkhontshwana,
Ngimi nesam' isihlangwana,
Seyigwazwa bukhoma manje.

Amavak' amb' ambulula!
Kunamuhla kubus' ukuzisola,
Ngokwesab' ukugadla kule mpi,
Ungebizelwe muntu kule mpi,
Mfowethu yilwa le mpi!

Yilw' usenesikhathi,
Nami ngayilwa nganqoba,
Yilw' imini nobusuku,
Nom' izikhali zikusinda,
Ungayek' ukugadla,
Khohlwa yimiyocu,
Khohlw' udumo,
Yilwe le mpi!

3.1 Yisho ukuthi yimuphi umqondo ovezwa yisimo sokukhuluma esidwetshelwe ebinzeni loku-1. (2)

3.2 Chaza kafushane umqondo ocashile otholakala kule nkondlo. (2)

3.3 Chaza ukuthi umoya otholakala emgqeni we-15 unamthelela muni kuleli binza. (2)

3.4 Ngabe ukuxhumanasiqalo okusebinzeni lesi-4 kukwelekelele kanjani ekuqondeni umyalezo waleli binza? (2)

3.5 Xoxa ngempumelelo yembongi yokusidwebela isithombe sokushiwo yinkondlo ngokusebenzisa igama 'impi' kule nkondlo. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IZINGXABO ZOMNYEZANE – EJ Mhlanga**

Ngilangazel' ukudepha kwelenjulo,
Kotatalambu bezingxabo zomnyezane,
Laph' ukujula kwenjulo,
Kuyingcebo yomhlaba nezulu,
Laph' ukuphelela konke kwempilo,
Kuyisiyalu somthombo ompompoza,
Ingunaphakade.

<u>Ngilubalubel' ukugxila kwelenjulo</u>,
Ngizinz' ekujuleni kwenkululeko yomphefumulo,
Ngizinz' ekuthuleni ngijabul' unomphela,
Ngifund' ukudons' amanzi ezinkalweni,
Ngikhephuzel' uhlaza ubusika nehlobo,
Ngizwe imvunge yemvelo ivungama
Ingoma kaqinadolo nethemb' elizayo.

Ngilangazel' ukudeph' okujulile,
Kulezo zimpande zemingamanzi ngigcule,
Ngivunulis' ubuchopho ngohlaza.
Lwamaqabung' ayonginqwambis' okweqhawe;
Kuleyo mithombo yeziziba ngingaphinde ngome,
Ngigiye ngiqephuze ngosiba lwakwaNgqondonkulu,
Ngiqoth' uphoko nokhothe lwendlela,
Nabazukulu badle kuchitheke inyongo,
Bafinye ngendololwane bethabile.

4.1 Yisho ukuthi kungani kusetshenziswe izimpawu zokuloba ekugcineni kwemigqa ebinzeni loku-1. (2)

4.2 Chaza kafushane okushiwo yimbongi emgqeni wesi-9 kuya kowe-10. (2)

4.3 Ngabe ukusetshenziswa kwethoni etholakala emgqeni wesi-8 kukwelekelele kanjani ukuqonda okushiwo mbongi kuleli binza? (2)

4.4 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kwempindwa kube namthelela muni ekuqondeni okushiwo yimbongi kule nkondlo? (2)

4.5 Phawula ngokuhambelana kwesihloko 'izingxabo zomnyezane' nokuqukethwe yile nkondlo. (2)

**[10]**

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NGINAWE – KA Mkhize**

Ngimbonile ngamfis' onjengawe
Emaphushen' ami ngimbonile.
Ngikubonil' usengumama wezala,
Nami ngisengubaba wezala,
Besingakazi lutho nokho.

Ngiphinde ngakubon' emehlweni.
Ubuhle nokuchachamba bungithathile
Ngikuzibile ngisabhek' uNompumelelo
Ngimthungathe ngaze ngamthola.

Ngikujeqezile ngakujeqeza
Ngizamil' ukuwulandel' umkhondo
Ngithe mahlayeni mahlayeni,
Lutho ukukufumana.

Bangisikel' abasiki bebunda
Ngokubhukuda kwakh' esizibeni.
Ngazama nokh' ukukutakula
Keph' **awungigqizanga qakala**.

Amakati nezinkukhu bekukujolozele
Amakhehla, nezalukazi bekujolozele
Lungidlil' usizi nomzwangedwa
Ngavela ngahlanza ngedela.

Ngiphinde ngakubon' usuwohlokile
Ukuwohloka kwakho kwangihlupha
Inhliziyo yami yalangazelela
Ilangazelel' ukukududuz' ezinhlungwini.

Usuzinikile ngaw' umbulalazwe,
Ngiselulil' isandla sami,
Wayamukel' induduzo yami,
Namuhla seweluleme.

[Icashunwe ku-*Izingwazi zanamuhla*, SE Ngubane]

5.1 Shono ukuthi hlobo luni lokuxhumana olutholakala emgqeni woku-1 ukuya kowesi-2. (1)

5.2 Chaza kafushane ukuthi kungani imbongi isebenzise i-enjambamenti ebinzeni lesi-2. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.3 Ngabe umugqa we-14 kanye nowe-15 ukulekelele kanjani ukuqonda umqondo wale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile ebinzeni lesi-4? (2)

5.5 Phawula ngokubaluleka komyalezo odluliswa yimbongi ebinzeni lokugcina. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

## INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Ukuvezwa komlingiswa onguMhlengi kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe.

Hlaziya lo mbono ubhekise kule noveli ethi, *Bengithi Lizokuna*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

Nebala yazithela iziphuzo intokazi, kwaphuzwa, yaphaka nokudla, kwadliwa, kwaxoxwa. Okugxilwe kakhulu kukho yilokhu obekuxoxwa ngakho emhlanganweni, nezintuba zamathuba okungafanele nakancane ukuba ayekwe ukuze bahlomule, ikakhulukazi ngo-2010. Baxoxa sengathi kade bazana. Ilokhu ikhipha ugwayi wayo intokazi ibhema, ibuye ithele ugologo wayo. NoXolani usezwa kumnandi impela ukuhlala lapha. Osekumxaka ngukuthi akanendaba ngisho nokubhema kwayo intokazi lena ekubeni yena ewumuntu obekwenyanya ukubhema kwabantu besifazane. Kunalokho uselokhu eyibuka njengoba iwudonsa kancane ngomlonyana wayo omuhle, intuthu iphuma igoqane ibheke phezulu. Bakithi, konke ekwenzayo kuvele kube kuhle nje, kuyifanele!

Ngesikade ajeqeze iwashi, ethuke agelekeqeke.
'Hawu, isikhathi sesihambe kangaka?' esho esukuma evalelisa.
'Kangikukhiphe ezinjeni - ke,' isho isukuma intokazi, imvulela umnyango iphumisana naye sebeqonde lapho uXolani epake khona imoto yakhe. Bafike bema isikhashana ngaphambi kokuba angene emotweni uXolani.
'Uhambe kahle Xolani, kangazi ukuthi ngingabonga ngithini ngokungivakashela kwakho,' esho emgqolozela uMahlengi.

Downloaded from Stanmorephysics.com


'Khululeka Mahlengi, yimina okufanele ngibonge.'
'Ngiyabonga bandla. Uhambe kahle,' isho ivula izandla imhaga. Azivule noXolani, bahagane. Angene emotweni kuduma ikhanda uXolani, ayidumise, isuke ziye kakhulu.

Akayizwanga nendlela ngenkathi ebheke kwakhe. Wayelokhu ebukeza konke abebekuxoxa, uhleko abebeluqhumisa nezingxoxo eziphusile zokubonisana ngamasu okuthuthukisa amabhizinisi abo.
'Nx, indaba yokujaha ukuganwa madoda!' enikina ikhanda.

[Isahluko soku-1:26–27]

7.1 Gagula OKUBILI okusekuqaleni kwalesi siqeshana okukhombisa ukuthi umlingiswa onguXolani wayekujabulela ukuchitha isikhathi sakhe nomlingiswa onguMahlengi. (2)

7.2 Nikeza iqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguXolani ukuthuthukisa indikimba yothando kulesi siqeshana. (2)

7.3 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi emgqeni we-11 kuya kowama-20. (3)

7.4 Chaza kafushane izenzo zikaMahlengi ezitholakala kulesi siqeshana ezikhombisa ukuthi unobuntu. (3)

**ISIQESHANA B**

Wayephinde wayigqolozela futhi le ntokazi enhle eyayiphambi kwakhe, iphuza ikhofi elalihambisana nebhulakufesi eliphambili u-anti osiza lapha ekhaya ayemphuthume ngalo.
'Ngiyakuzwa ndodakazi. Uyazi, kuvele kuzimuke ikhanda nje,' esho elimbambatha ikhanda lakhe sengathi kuzobohla ukuzimuka kwalo uma lithintwa.

'Eyi, inzima yona indaba yami noMhlengi.'
'Nase nithandane isikhathi esingakanani?'
'Sasisanda kuthandana nje. Kwakusaphele izinyanga ezimbili nje vo.'
'Awu madoda,' elinikina futhi ikhanda.
**'Ngangimthanda. Namanje ngisamthanda. Yikho nje …' ehluleke ukuqhubeka, acabange uNkululeko obekufanele bashade naye namuhla, ezwe kufika umunyu sekuthi akakhale izinyembezi.**
**'Ungakhali mntanami. Ngiyazi ukuthi kunzima khona, nami ngiyabazi lobu buhlungu obuzwayo, nakimina zazigobhoza kanje izinyembezi mhla uMhlengi …' azibambe sekuthi akayiphihlize indaba yebhomu eladedelwa nguMhlengi qede aphihlizeka onke amaphupho kaNgidi.**
Okwakumenza angayiphihlizi indaba ngukuthi wayenganasiqiniseko sokuthi lo Nontobeko wayeyazi yini indaba kaMhlengi yokuthi …

Athi esahlasinyulelwa ngumzimba ngenxa yokuphinde acabange isimanga sendaba kaMhlengi, kuthathe yona intokazi futhi ngezwi elinomunyu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

> 'Okubuhlungu ngukuthi uMhlengi wathi kasehlukane esikhaleni nje, mina ngisasanganiswe wuthando lokuthanda umuntu, ngiqala ngqa nokuqoma,' esho ngamahlonyana.
> 'Wakutshela kodwa isizathu sokufuna kwakhe ukuba nehlukane?' kuqhwanda uNgidi ngokucophelela.
> 'Lutho baba. Konke kwaba njengephupho nje kimina.'
>
> [Isahluko sesi-4:73–74]

7.5 Chaza umphumela wesenzo somlingiswa onguNkululeko sokuzibulala ubhekise kokwenzeka esiphethweni sale noveli. (3)

7.6 Humusha inkulumompendulwano ebhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ubhekise kuNgidi kanye noNontobeko. (2)

7.7 Isenzo sikaNgidi esisemgqeni we-13 kuya kowe-15 simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

7.8 Chaza ubunzima obubhekana nezingane zabazali abangathembekile emshadweni ubhekise kokwenzeka ezinganeni zikaXolani. (3)

7.9 Ngokucabanga kwakho kuyingozi kangakanani ukulandela inhliziyo yakho uma uthanda umuntu? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNontobeko. (2)

7.10 Phawula ngekhono lombhali lokuphetha le noveli ngengwijikhwebu. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Ukuvezwa komlingiswa onguNomvula kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe.

Hlaziya lo mbono ubhekise kule noveli ethi, *Usumenyezelwe-ke Umcebo*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

Kanjalo nangomuso laphuma ilanga emathantaleni olwandle lwase-Afrika liza nezintsha elalizoshona nazo. Wayesekade evukile uMirriam wakeqezisa ekhishini elungiselela abakwaDicey. NoGenyeza akasebenzanga sikhathi esingakanani, waqonda kumkaMarshall owayengasebenzi, wacela ukuphelezela uMirriam owayeyohola amatshe. Wavunyelwa. Ngehora leshumi nanye okaMvundlana wabonakala egodle umshiza, eshaya kancane eqonde kwaDicey. Wayeshaye ibhulukwe elimpunga nebhuleza eliluhlaza cwe, lilikhulu kunaye, alithengiselwa ngumlungu thize owayesephindela eNgilandi. Wayelibophele nehembe elimhlophe, lisefeke entanyeni, kulo ezibophe ngomsweswana wothayi oluhlaza.

Ekhanda wayesithe chwa esincane isigqoko esiluhlaza. Ezinyaweni wayebathazela ngawo amabhuzi ejwayelekile, epholishwe ecwazimula.

'Usufikile Menziwa?' ekhuluma ngomoya ophansi.

'Yebo, sengifikile Ntombi kaNzima ngalolu suku olunzima kangaka,' ehlala esihlalweni, induku eyeyamisa ngodonga.

'Olunzima ngempela njengoba usho mntakaNtshangase,' kwenanela uMirriam owayeseziphaqule wazimonyonga, waziqhola, wagqoka, wazibuka kaningana esibukweni. Wayesehlezi embhedeni naso isibuko eceleni kwakhe, ezimisele uqobo lokuzimisela. Emzimbeni wayeziphihle ngesiketi nebhantshi lakhona okububende, nesigqoko esimnyama sinoleyisi okuyiwona owawenza bamgcone ngelekokoloshe lapho esithwele. Konke lokhu wayekwembulelwe umkaDicey. Wayenyathela ngesicathulo esimnyama, eshaye namasokisi esimame enza isitho sibe sihlekazi, empunga okuyisiliva. UmkaDicey wayemchathazele iziqholo eziphambili eziyishiya inhliziyo yensizwa ibalisa njalo kuthi ayizilandele.

Wayebukeka ebhocobele. Iqophelo lempilo ephambili lalimzumile. Phela namuhla wayezolandwa ngemoto ephambili, angene ephuma emahhovisi nasemabhange.

[Isahluko sesi-3: Ikhasi 22]

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.1 Gagula OKUBILI okwenziwa nguMirriam noGenyeza ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

9.2 Nikeza iqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguGenyeza ukuthuthukisa indikimba yothando kulesi siqeshana. (2)

9.3 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi okutholakala kulesi siqeshana. (3)

9.4 Nikeza okufanayo phakathi kwezenzo zomlungu owaya eNgilandi kanye nezenzo zomkaDicey ngokwalesi siqeshana. (3)

**ISIQESHANA D**

Balandelane oMirriam nomesisi bayongena endlini kuDicey. 'Hlala Mirriam,' emkhombisa isihlalo, ehlala naye kusofa. Ahlale uMirriam ngokwesaba. 'Namhlanje ngikuphathele izindaba ezinkulu Mirriam.'

Ehlezi uMirriam esonge izandla, ekhophokhophoza esaba uDicey kakhulu, uyamoyizela aveze inhliziyo yakhe exolisa okweyengane. 'Namhlanje unefa Mirriam abaningi abangenalo, abangasoze babenalo futhi ezimpilweni zabo,' esekhuluma ngesiNgisi.

'Hhawu Mesisi!' emamatheka futhi. 'Ngingalithathaphi ngiyinhlwa nginje? Uzongipha yini?'

'Cha, ngeke ngikuphe Mirriam. Ngelakho, uzizamele. Ngihlala ngikuthuma njalo, ubheje ungababmbi lutho. Uyazi ukuthi njengoba ubhejile izolo ingenile i-pick six yakho?'

**'Nkulunkulu wami! Ungithandeni kodwa ngingelutho nje?' ethwala imikhono uMirriam ekhamisa njalo. 'Ini? I-pick six?'**

**'Yebo, i-pick six Mirriam.'**

**Akhamise njalo uMirriam ingqondo kube sengathi iyeduka, ingawemukeli lo mbiko womcebo. 'Mina?' ebuzisisa ezishaya isifuba. 'I-pick six! Malini?'**

'Angazi nokuthi ngizokutshela kanjani. Ngisize David, Mtshele.'

UDicey uthatha iphephandaba ahlale aqonde kusofa athi, 'Mirriam othandekayo,' elibukisisa iphephandaba, 'isamba semali oyibambile nguTwo Million Nine Hundred Thousand Rand!'

'We Nkulunkulu wami! Kodwa ungithandeni ngingento yalutho? Ninety Thousand Rand!'

'Izigidi ezimbili namakhulu ayisishiyagalolunye ezinkulungwane zamarandi,' kusho uDicey.

'Hawu we Baba noMama!' ebamba ikhanda.

'Nansi imali ibhaliwe Mirriam. Zibonele. Ungezwa ngendaba,' uDicey emkhombisa.

[Isahluko soku: 1 Ikhasi lesi-3 nelesi-4]

9.5 Chaza umphumela wesenzo somlingiswa onguDicey sokuthumela uNomvula njalo emjahweni wamahhashi. (3)

9.6 Humusha inkulumompendulwano ebhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ubhekise empilweni kaMirriam. (2)

9.7 Isenzo somlingiswa onguNomvula emigqeni edwetshelwe simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


9.8 Chaza ubunzima obubhekana nabantu besifazane abanemali ubhekise kokwenzeka kule noveli. (3)

9.9 Ngokucabanga kwakho kuyingozi kangakanani ukulandela inhliziyo yakho uma uthanda umuntu? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguNomvula. (2)

9.10 Phawula ngekhono lombhali lokuphetha le noveli ngengwijikhwebu. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Ukuvezwa komlingiswa onguDumazile kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe.

Hlaziya lo mbono ubhekise kule noveli ethi, *Kunjalo-ke*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA E**

Wangena maqede wabeka incwadi phezu kwetafula, waphuma engazange athi vu ngomlomo. Uthisha waxakeka nje ukuthi wokunjani-ke lokhu. Kwathi noma ethi uzama ukumlandela ngenhloso yokubuza okuthile, lutho ukuma uDumazile. Uthisha wabuyela endlini ukuyozwa ukuthi incwadi imfikela naziphi. Wayivula-ke imvilophu. Wathi nhla phakathi, wacishe waquleka ebona isithombe sepetshisi lentokazi imise amabele. Walibuka nepheshana liqukethe izindaba ezimnandi. Kwathi cosololo. Walungiselela ukuya emsebenzini, waphuma.

Ngesikhathi senhlabakhefu, uthisha wanikeza uDumazile ukhiye ukuba ayomenzela itiye ekotishi njengenjwayelo. Nempela kwaba njalo. Uthisha wabuye walandela ngemuva kwesikhashana nje. Wamfica uDumazile ematasatasa. Wathatha wathi, 'Ngiyitholile incwadi ongibhalele yona. Ngijabule kabi. Ngiyabonga kakhulu mntakwethu.' Lwamuthi heqe uvalo uDumazile ukuzwa igama likamntakwabo. Wayengalindele neze neze ukuthi lase lingashesha kangaka ukuba lisetshenziswe.

'Uyabona-ke mntakwethu, kuzofanele ukuba umfundi kube ngumfundi esikoleni, nothisha kube nguthisha, ukuze kunganakeki. Uma ngikubiza ngegama nje, wena usabele uthi, *Sir!* Kuyothi-ke uma sesizihlalele sobabili, sibizane ngamagama ethu ezithopho. Angithi uyezwa *sweet-heart*?'

'Yebo!' esho ngezwi elipholile elithambile uDumazile. Kwabe sekushaya isikhathi sokuba uDumazile abuyele ekilasini bengasadlanga.

Ngokuhamba kwesikhathi uthisha wazama ukuzakhela ugazi kanye nokwethembeka. Kwakuye kuthi ngokuphela kwenyanga, uthisha amthathe uDumazile aye naye edolobheni ukuyomthengela ingqephu kanokusho. Wayesegqoka aconse, afake newashi legolide.

[Isahluko soku-1:13–14]

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.1 Gagula OKUBILI okwenziwe nguDumazile ekuqaleni kwalesi siqeshana. (2)

11.2 Kulesi siqeshana, nikeza iqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguthisha uMoloi ukuthuthukisa indikimba yokuxegelwa yisimilo. (2)

11.3 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi okutholakala kulesi siqeshana. (3)

11.4 Nikeza okufanayo phakathi kwezenzo zikathisha uMoloi kanye nezenzo zikaDumazile ngokwalesi siqeshana. (3)

**ISIQESHANA F**

Phakathi nesonto lesithathu, uDumazile wabuyela emsebenzini wakhe esitolo. Kwamjabulisa kakhulu uSithole ukubona uDumazile esebuyile. **Akabange esathanda ukumbuza ipasi nesipesheni. Omathand' ezabanye balala sebemtshelile uMaNzimande ukuthi uDumazile usebuyelile emsebenzini. Ulwandle lwaqala ukugubha amagagasi.**

Ukuba uDumazile wayeyinyoka, bekungathiwa wayesebuzile. Isimo sokubukeka komzimba wakhe sasesiguqukile. Wayeyisibutubutwana esihle ongafunga ukuthi yitshitshana eliselincane. Wayesho ngezinwele zakhe ezimnyama bhuqe ekhanda. Unwele lwempunzi luthe lungu ebusweni obuntothombela. Isho ngamehlo athambe njengawenkehli ibuka abasemzini. Kuthi uma iqala inkulumo nje, imoyizele kancane, kufacake izihlathi, bese iyakhuluma. Intokazi lena yabe idudule, inyathela ngabantwana, kuphambene umnyama ngemuva. Wawungaphika ukuthi kwakuyiyona leyayana eyayisimathanjana ngenkathi isengumdlezane.

UDumazile wayesenezesheli eziningi kakhulu kunakuqala. Kwakuthi kusa nje ezinye zazo zibe sezime phuhle esangweni lasesitolo. Kuthi kungavulwa nje, zingene zizithengise ugwayi nomentshisi. Zazijatshuliswa yikho nje ukuthi zimbonile, zaxoxa naye umlomo nomlomo. Kungalesi sikhathi- ke lapho zazicela khona ukumbona ngesikhathi senhlabakhefu yasemini. Ezinye zazifika ntambama ukuze zimbone eseshayisile emsebenzini. Zizodwa ezazishaya ucingo zifuna yena uDumazile. Zaziba nenkinga-ke lezo zesheli. Ucingo lwalungena ehhovisi likaSithole bese lubanjwa nguyena. Izikhathi eziningi wayengambizeli ocingweni uDumazile ukuba akhulume nezesheli. Wayebona kuwuphazamisa umsebenzi wakhe lokho.

[Isahluko sesi-5:81–82]

11.5 Chaza umphumela wesenzo somlingiswa onguLizy sokuhleba ngenkulumo engelona iqiniso. (3)

11.6 Humusha inkulumo ebhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ubhekise empilweni kaMaNzimande. (2)

11.7 Isenzo somlingiswa onguSithole emgqeni edwetshwelwe simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


11.8 Chaza ubunzima obubhekana nezingane zabazali abangathembekile emshadweni ubhekise kokwenzeka kuMpisendlini. (3)

11.9 Ngokucabanga kwakho kuyingozi kangakanani ukulandela inhliziyo yakho uma uthanda umuntu? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguMisi Hlophe. (2)

11.10 Phawula ngekhono lombhali lokuphetha le noveli ngengwijikhwebu. (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Ukuvezwa komlingiswa onguBafana kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe.

Hlaziya lo mbono ubhekise kule noveli ethi, *Impi Yabomdabu Isethunjini*.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

Lokhu kukhuluma isiNgisi kukaMaXakushe kwadala indida ezinganeni. Zaqala zakuthokozela, kodwa kwathi ngokuhamba kwesikhathi kwacaca ukuthi ugogo useyezwa manje, akuselula ukuba zimhlebe. Zawakhetha manje izingane amagama eziwakhuluma uma kukhona ugogo. Wayethi uma esathe shelele ukuyobona umhlobo wakhe waseMzimkhulu khona lapha eMlazi, zisizakale izingane. Zazimkhuthaza ukuba ayobona umhlobo wakhe njalo, kanti zizenzela ithuba lokuba zishaye izingcingo, zidle indendende, futhi zithole nokuvula i-*TV* ngezikhathi ezingavunyiwe.

Ngolunye lwale zinsuku zokuvakasha kukaMaXakushe, kwezwakala u-*Euthenasia* ethi, '*Melly*,' esho ecevuza ngaso isiNgisi. 'Angiboni ukuthi ngizophumelela ukumelwa yiphoyisa ngulo mantshingelane. Kungathi ugogo usezenza ubhiligadiya kamaqhuzu wakwaNgubane esikhundleni sokuba ngumzanyane. Thina sesikhulile, asisadingi mzanyane. Asiwona amasosha futhi, asidingi ukhomandanti.'

'Wena umnaka ngani uMa-X?' kubuza u*Melody* enyathela izicathulo ngemuva ezikhumula engazisombulile izintambo. Wayengakuvumi neze uMaXakushe ukuba izingane zikhumule izicathulo zingazithukulula izintambo. Wayethi lokhu kungukumosa izicathulo. Ngasese le zingane zazithi usengaze akhulumele izicathulo ugogo kungathi lezi zicathulo zithengwa nguye. Zazazi izingane ukuthi ugogo uMaXakushe ubheka nensipho, athukuthele athethe uma ithambile kukhombisa ukuthi kade ihleli emanzini. Uma ingane ike yaphaka ukudla, wayethi mayikuqede, engazivumeli izingane ukuthi zishiye ukudla bese kuchithwa. Futhi ugogo wayethi kuhle izingane zidle noma yini into ebekwa phambi kwazo, zingalokhu zikhetha ukudla.

[Isahluko sesi-6:86]

13.1 Gagula OKUBILI okusekuqaleni kwalesi siqeshana okwabe kwenziwa ngu-*Euthenasia* no*Melody* mayelana nokukhuluma kukaMaXakushe isiNgisi. (2)

13.2 Kulesi siqeshana, nikeza iqhaza elibanjwe ngumlingiswa onguMaXakushe ukuthuthukisa indlela yokuziphatha. (2)

13.3 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ukuvezwa kwesizinda ngokwesikhathi okutholakala kulesi siqeshana. (3)

13.4 Nikeza okufanayo phakathi kwezenzo zika-*Euthenasia* kanye nezenzo zika*Melody* ngokwalesi siqeshana. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA H**

'Yeka imali yami engisuke ngayo eShowe. <u>Ingane kadadewethu ingitshela ukuthi ibingangilindele, ithi isiluhlelile usuku kanye nalo lonke leli viki, mina angikho ohlelweni. Imbudane yani yona leyo? Impela ukuhamba kuzala induna.'</u>

UMntimande wayelokhu enqekuzisa ikhanda, athi ukudlalisa imvubu yakhe. Wathi ukugwinya amathe uCele wase eqhubeka ethi, 'Uyazi Mntimande, ngiqale ngadideka, kwangathi ngiyaphupha. Ngabuye ngathi ukubheka ngemva kwami ngoba nginesiqiniseko sokuthi akakhulumi nami lo mfana ngoba ngicabanga ukuthi umshana wami angekhulume nami kanjeyana. Kuthe nxashana ngibona ukuthi ubhekise kimi kanye, kwathi angimsakaze ubuchoshana ngomshiza, ngabuye ngazibamba. Kuhle kodwa ukukholwa, ngoba ukuba bengiseyimina, lo Njini nawe owawumazi, ngabe kukhulunywa okunye ngikhuluma nje.'

**'Ngabe kukhulunywani Ndosi?' kubuza uMadonsela ngokumangala.**

**'Usabuza Mntimande, phela ngabe kwembulwa kwembeswa eKhingi kumanje nje. UBafana bengimphipha zolo lokhu. Uthi manje ngingavuma angibhaklazele isicabha mina lo ngisale phandle ngigoqe umsila okomgodoyi? Lo mfana ungihlolela ukwelanywa.'**

'Wo sengiyabona-ke manje,' kusho uMadonsela edlalisa ithoshi lakhe ngokulifilifilizisa ebumnyameni. 'Sengiyabona Ndosi, indaba yakho sengiyibona kahle manje. Wena ungathi uhlangane nenqe lihluthuke intamo, kanti cha ndoda ungaphatheki kabi. Yisimo … yisimo sasesiLungwini esinenza niphambane nomntakadadewenu. Umshana wakho akaxabene nawe neze.'

[Isahluko soku-1:7]

13.5 Chaza umphumela wesenzo sikaBafana sokubukela phansi umlingiswa onguDkt. Thathezakhe Mdlalose ngenkathi besafunda ubhekise kumsebenzi wakhe manje. (3)

13.6 Humusha inkulumompendulwano ebhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ubhekise empilweni kaCele. (2)

13.7 Isenzo somlingiswa onguNgubane esisemigqeni edwetshelwe simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

13.8 Chaza ubunzima obubhekana nezingane ezishiywa ngabazali uma beyogana ubhekise kokwenzeka ku-Uzithelile noHlanganisani. (3)

13.9 Ngokucabanga kwakho kuyingozi kangakanani ukulandela inhliziyo yakho uma uthanda umuntu? Sekela impendulo yakho ubhekise kumlingiswa onguMelody. (2)

13.10 Phawula ngekhono lombhali lokuphetha le noveli ngengwijikhwebu. (3)

**[25]**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

Uma ufuna ukuzuza okudingayo kufanele usebenze ngokuzikhandla noma nangobuqili ukuze uphumelele.

Phawula ngalo mbono ubhekise kulobu buciko obulandelayo:

**Inganekwane:** Ingwenya Edla Utshani
**Izibongo:** Izibongo ZeNkosi U-Albert Luthuli
**Isisho:** Ukuyibamba ishisa

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane, izibongo nesisho. **[25]**

**ISIQESHANA I**

**IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI**

1 INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMvoti,
2 Kwanyakaz' abamhloph' abeLungu,
3 Kwathi i-American Board
4 Yamthwesa isicoco.
5 Abelungu bakufundisa ulim' lwenkomo kaHaga
6 Kant' uzobaphendukela eziswini njengotshwala.
7 Umkhombi wendlela ayikhathule,
8 Umhambi wendlela ayikhombile.
9 Ongagcinanga ngokuyikhomb' inkululeko,
10 Kodwa wayifaka wayitshikitshela,
11 Wayifaka esikoleni,
12 Wayifaka esontweni
13 Indlela yenkululeko.
14 Ngiyasesaba isibindi sakho weMandlanduna!

15 Ndlovu kayibhekeki.
16 Ndlovu edel' ukubusa
17 Yaqoma ukuhlupheka.
18 Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo
19 Babeyixokozelela abasekhaya,
20 Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,
21 Babeyihlanganisela abasezitheni.
22 Nanamhlanje basakhexile ngeNobel Peace Prize.

Downloaded from Stanmorephysics.com


23 Mqali wezindlela ezenyukelayo,
24 Mqambi wezindlel' eziya ku-1994,
25 Uyibekile induku ebandla,
26 Wabashaya engeqiwa ntwal' abaMhlophe,
27 Mandlanduna awuseyikubhubha.

28 INkosi evivise ngepensela,
29 Abelungu bevivisa ngemijojantaba.
30 Wabengul' inkung' abakithi,
31 Kwath' abeLumbi wabagez' ubebebe,
32 Sewungenisile mfo kaMvumbi

33 Zaziyishumi kuZibandlela 1961,
34 Bekwethwesa imyezane yokuthula,
35 Kwamangala umhlaba wonke,
36 Awusalweli uKhongolose kuphela,
37 Awusalweli Ama-Afrika kuphela,
38 Sewulwela umhlaba wonke.
39 Uyingqwayingqwayi, uyingqonyela.

[Ikhasi 124–125]

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

**ISISHO**
**Ukuyibamba ishisa**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**INGANEKWANE: 'AMAHLAYA ALALA INSILA'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**ISIQESHANA K**

**Umxoxi:** Kwesukasukela …
**Abalaleli:** Cosu!

Kudala ngezikhathi zeNkosi uShaka, kuthiwa kwakukhona indoda yakwaNzimande eyayihlekisa nangento engafanele. Igama layo kwakunguVelaphansi. UVelaphansi wayehola abantu bakwaNzimande ngalezo zikhathi zikaShaka. Abantu bakwaNzimande badume ngezithakazelo zoGwala kanye noMphephethe. AmaPhephethe ayengasebenzi. Ayenekhono lokukhetha usawoti esihlabathini. Isithakazelo sikaMphephethe savela ngoba babephephetha isihlabathi solwandle kusawoti.

Uma-ke usawoti sebewunekile waze woma, babewuthatha bawusonge ngezikhumba bawuyise eNdlunkulu. ISilo uShaka wayebathanda abantu bakwaNzimande ngenxa yokuthi wayekhonze uVelaphansi. Phela uVelaphansi wayehola aMaphephethe futhi edume ngokuba noteku. UShaka wayezifela ngomuntu otekulayo. ISilo sagcina sikwenze kwaba wumthetho ukuthi uVelaphansi abe ngusomahlaya waseNdlunkulu. UVelaphansi wayesholo isilo amahlaya njalo uma siphumulile noma kukhona izivakashi. Sesiyohleka-ke iSilo kujabule wonke umuntu. Akekho ongeke ajabule uma ebona okaNdaba emoyizela.

Langa limbe uVelaphansi wacabanga ukuthi uzosihlekisa ngani iSilo uma esebizwa ukuzokwenza amahlaya. Wacabanga wacabanga, do ukufika ihlaya elisha. Akufuneki phela ukuthi asho ihlaya elidala futhi elaziwayo eNdlunkulu. Kubi kakhulu uma lelo hlaya selake lashiwo nguyena. Akufuneki ukuthi adlale ngezindlebe zeSilo. Wafika umcabango ngokushesha. Wahleka yedwa umfo kaMphephethe. Wayesephumile osizini ngoba ihlaya elisha seliqhamukile. Wadumela amaqaqa amabili azifele wawasonga ngesikhumba esikhulu sengwe. Safika ngaleso sikhathi isithunywa esivela eNkosini uShaka.

[Ikhasi 96–97]

15.1 Shono isethulo sale nganekwane ethi, 'Amahlaya alala insila'. (2)

15.2 Xoxa kafushane ngendabuko yesithakazelo sakwaMphephethe ngokwalesi siqeshana. (2)

15.3 Chaza umphumela wesenzo sikaVelaphansi sokusonga amaqaqa uma esehlulwa ukuqhamuka nehlaya elisha. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**INGANEKWANE: 'IMPISI EYISIMINZI'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA L**

Igijima nje impisi ayiyekile ukuqalaza phezulu. Icabanga ngamanqe ahlale ezula ethungatha isilwane esifile. Asebizwa ngokuthi ayizinhloli. Impisi yagijima igudle umfula ilule umqala futhi iqalaza lapho isidumbu sehhashi sidindilize khona. Impisi yalibona ihhashi lilele phansi yacabanga ngokushesha ukuthi amanqe azoyibangisa uma engatheleka kusenjena. Yacabanga futhi ukuhlaba ngejubane iphikelele ekhaya iyobiza inkosikazi kanye nezingane bazozitika ngenyama ethambile yehhashi. Impisi yacabanga isu lokuhudula ihhashi iyolimboza ngotshani kude ngaphambi kokubiza izingane kanye nenkosikazi. Uma ingakwazi ukulihudula ilisuse kule ndawo, kuzobe sekungelayo. Liyasinda ihhashi kodwa izozama ukulidonsa.

Impisi yabophela umsila wayo iwuhlanganisa nowehhashi, yaguqa phansi ibambelele ezidindini ukuze ithole amandla amaningi okulidonsa. Yadonsa kakhulu impisi, lutho ihhashi ukunyakaza. Yazabalaza impisi ibambelele otshanini kwaze kwasiphuka izidindi.

Thushukiyane uHlakanyane esikhaleni isematasa injalo impisi.

'Aphi amanqe ukuze angilekelele, selingehlulile leli hhashi?' impisi yabuza uHlakanyane ikhefuzela.

'Ungena kuphi wena ehhashini lami? Usuze ungibuze ngamanqe nje, ufunani la?' Konke lokhu uHlakanyane ukubuza eme kude nehhashi.

Gubhubhu! Kuphaphama ihhashi, livuswa ngumsindo wempisi noHlakanyane. Lavuka lahlaba ngejubane lihudula impisi. Ihhashi lahudula impisi lidabula ezihlahleni ezinameva. Ukubanga umsindo okwenziwa yimpisi kwenza ukuthi ihhashi lifake umfutho kunakuqala ekugijimeni.

[Ikhasi 90]

15.4 Nikeza umyalezo odluliswa yile nganekwane engenhla unikeze nesizathu sempendulo yakho. (2)

15.5 Qhathanisa izenzo zempisi kanye nalezo zikaVelaphansi enganekwaneni ethi, 'Amahlaya Alala Insila'. (3)

15.6 Phawula ngokuhlolisisa ngengwijikhwebu etholakala esiphethweni sale nganekwane. (3)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com

Fundisisa la mabinza acashunwe ezibongweni, emahubeni kanye nasesithakazwelweni bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

**ISIQESHANA M**

**IZIBONGO**

**IZIBONGO ZESILO UDINUZULU**

UMamonga woSuthu,
UMamonga akabulali, uyasizila,
Uqoth' imbokodo nesisekelo;
Ufana nendlov' emnyama yasoNdini.

USilwa nankunzi mbili,
Enye ngeyakwaNgenetsheni;
Enye ngeyaseBhanganomo.

Ithole lakokaMsweli
Elanyise liguqile.
Indab' engiyizwe ngimncane
Ngaze ngakhula ngayibona ngamehlo.

UMphangela langa lingakaphumi kwaNdunu,
Lithe liphuma,
Laliphuma ngezingazi zamadoda.
Wazithath' izihlangu zikaMandlakazi.
Wamshaya phansi uMcwasimbana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uXukwana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uNdlovu kaMaphitha;
Wamshaya phansi uPhuzukumila kaMaphitha;
Wamshaya phansi uSiwana kaMaphitha;
Wamshaya phansi uSikiza kaSomfula;
Wamshaya phansi akwabandaba zalutho.

Ohlasela ngemikhonto
Njengomuzi waseMkhontweni;
Ohlasele ngamahhashi
Njengomuzi wasemahhashini

Ingweny' edlel' okhunjini lomfula,
Ngaphezulu yesab' imisebe yelanga.
Ugubuzel' uCeza noHlathikhulu.

[Ikhasi-117–118]

15.7 Ucabanga ukuthi kungayisiphi isaga/isisho/isiphicaphicwano esiyichaza kahle iNkosi uDinizulu. (2)

15.8 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa impindamqondo etholakala ebinzeni lesi-2? (3)


15.9 Xoxa ngempumelelo yembongi yokusebenzisa ukuxhumanasigcino ebinzeni lesi-4? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQESHANA N**

**IHUBO: APHI AMAKHOSI**




Aph' amaKhos' akithi kwaZulu x2
Lo nyaka asazi sizolimaphi na?x2
Asazi maZulu
Lo nyaka asazi sizolimaphi na?

[Ikhasi–157]

15.10 Chaza kafushane ukuthi indikimba equkethwe yizibongo zeSilo uDinizulu ixhumana kanjani nehubo elithi: 'Aphi Amakhosi?' (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA O**

**IZITHAKAZELO**

**EZAKWAJELE**

1. Luvuno!
2. Mangwane!
3. Ngubo yengwe!
4. Ngubo yesilwane!
5. Nkabanhle!

[Ikhasi–145]

15.11 Tomula uhlobo lokuxhumana olutholakala ezithakazelweni ezingenhla bese uyalugagula. (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Ezinye izigameko ezitholakala kulo mdlalo azikholakali.

Fakazela lo mbono ubhekise kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA P**

| | |
|---|---|
| CHIVENGA: | *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu, uyakhuzela)* Dudlu ntombi sidudla siyangidudula! Nongenankomo uyayidla inyama kanti nongenabhasikidi uyaya emakethe. Ngilala embhedeni kuyangibhedela, ngibesathe ngilala ecansini lingicasukele, ngithi lapho sengilala esikhunjeni singikhumbuze wena ntokazi. Khona ngizothi ngiyakwazi ngoba angisaqali neze ukukubona kule ndawo, kodwa sengikhohliwe wukuthi ungubani ongowakwabani. |
| HLENGIWE: | *(ambuke sakuthiziyela lo muntu)* Hhayi suka! Musa ukuhubhuza amanga lapha wena. Awungazi wena bo. Nami futhi ngokunjalo angikwazi. Siqalana khona nje lapha ukwazana futhi sizogcinana khona lapha, ngakho-ke musa ukungidlalela ukuhlakanipha okufishane lapha wena kwerekwere okungangendlela eya endlini yangasese. Ngisaphinda futhi ngithi ubholoza aluhlaza cwe amanga uma ngabe uthi uyangazi. |
| CHIVENGA: | *(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Uyazi ukuthini? *Ek is baie mnca vir jou* ntokazi. Ngincanywa ngibuya eBhayi nguwena, yingakho nje ngicela ukukwazi. Njengoba nami futhi ngisazozichaza lapha kuwe. |
| HLENGIWE: | *(umbuka sakumchizela)* Akubalulekile ukuba ungazi ukuthi ngingubani njengoba nami futhi ngokunjalo ngingasiboni nesincane nje isidingo sokuba ngazi ukuthi ungubani. Futhi-ke awusilo neze ikilasi lami wena. Yehlukana nawo wonke lowo msangano wakho futhi ngoba uma lingase likuzwe isoka lami engisalilinde lapha ulokhu ungifundekela ngala mazwana akho, ngiqinisile kangidlali futhi uma ngabe ngithi lizokwehlukanisa imihlathi ngomkhalambazo ndodamphini. |
| | [Inkundla Yoku-1, Isigcawu sesi-2:16–17] |

Downloaded from Stanmorephysics.com


17.1 Gagula uhlobo lwethoni etholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Bhekisa enkulumeni yomlingiswa onguChivenga. (2)

17.2 Shono isizathu sokubakhona kodweshu lwangaphandle kulesi siqeshana. (2)

17.3 Nikeza okungumehluko othandweni lukaHlengiwe noManqina nothando lukaHlengiwe noChivenga. (2)

17.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu esitholakala esingenisweni salesi siqeshana. (3)

**ISIQESHANA Q**

| | |
|---|---|
| MAMLANDULI: | *(umangele)* Kwenzenjani baba? Wabuya ungasemnandi nje manje? Iphi manje le njabulo ohlale ubuya nayo, uma ngabe uqhamuka emsebenzini esikhathini esiphambilini? Kusengenzeka yini ukungangenameli kwakho ukuthi kuhambisana nezinkomba zokuthi akusimina okumele akuhlangabeze kodwa yizingane zakho lezi esezingithathele lowo msebenzi? |
| MDALULI: | *(ujabhile)* Kanti-ke akumele neze uze uzihluphe ngalowo mcabango mkami. Iqiniso elisalayo nje lisekutheni izinsuku zoMdali lezi kazefani. Ngingaphuma lisabalele lapha ekhaya kodwa ngibuye selihosha umoya obandayo ohambisana namakhaza ashubisa umnkantsha. Kanjalo futhi singehlukana ekuseni ngihleka kukuhle kunjeyaya kodwa lishone sengikhala. Yingakho nje nencwadi yomShumayeli eBhayibhelini esahlukweni sesithathu ikubeka kucace lokhu engikushoyo ngaphansi kwesihloko esithi konke kunesikhathi sakho lapha ngaphansi komthunzi welanga. |
| MAMLANDULI: | *(ubukeka esekhathazekile)* Ngiphuthume baba. Ngabe sekwenzenjani? |
| MDALULI: | *(ubhocobele udangele)* **Lisilahlile nina wabantabami …** |
| MAMLANDULI: | *(amenqakele phezulu, ekhathazekile)* Kanjani? Ungake uphelelise inkulumo wena yise kaLondiwe! Ngabe kukhona isihlobo sethu segazi yini mhlawumbe esesedlule kulo mhlaba? |
| MDALULI: | (*ujabhile)* Qha, akunjalo mkami. |
| MAMLANDULI: | *(uncondile)* Uma kungenjalo, kunganjani-ke pho? Wabaleka neqiniso nje wena? |
| MDALULI: | Angazi nje ukuthi ngizoyibeka kanjani le ncazelo kuwe mkami. Ngisho ngoba phela ulimi luvele lwagcwala umlomo kwasekuqaleni nje usaqala ukungibuza *(kuthuleke)* Hho! Yalunga-ke le nto. Nangu uManqina eza neno. |

[Inkundla Yoku-1, Isigcawu sesi-4: 26–27]

17.5 Chaza umsebenzi womlandi kulesi siqeshana. Bhekisa kumlingiswa onguMdaluli. (2)

17.6 Ngabe la mazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekuqondeni isimo emzini kaMdaluli? (2)

17.7 Ucabanga ukuthi qhaza lini elibanjwe nguChivenga ukubhebhethekisa udweshu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

17.8 Kungabe ukubambisana kwezingane zakwaMemela kuwusize kanjani umndeni wazo? Sekela impendulo yakho. (3)

17.9 Chaza isizathu sokuba khona kukaZenyezile kulo mdlalo. (2)

17.10 Xoxa ngokucophelela ubunzima obubhekana nabantu besifazane abashadiswa bengazi. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguHlengiwe. (3)

17.11 Uyazwelana yini nomlingiswa onguLondiwe njengoba uyise ephelelewe wumsebenzi ebe efunda ekolishi? Yikuphi ongakwenza uma ungahle ubhekane nalesi simo? (2)

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Ezinye izigameko ezitholakala kulo mdlalo azikholakali.

Fakazela lo mbono ubhekise kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA R**

| | |
|---|---|
| MCANJANA: | Inkosi ithi khuluma nduna sizwe, kungabe kawuzwanga yini? *(Efutheka)* |
| MPHILIPHILI: | Be ... be ... bebebuza indlela wena kaMashwilansimbi. |
| SALIMANI: | Bebebuza indlela eyaphi? *(Ngesineke.)* |
| MPHILIPHILI: | Indlela, indlela eza lapha eTsheni, Ngwazi. |
| MBONGOLO: | Tshela iNkosi iqiniso ungashonisi ilanga *(Ebheka uMphiliphili kabi.)* |
| SALIMANI: | Mphiliphili! Mphiliphili! *(Embheka sakumdabukela.)* |
| MPHILIPHILI: | Ngwazi! |
| SALIMANI: | Tshela mina ukuthi yini lena ebenihlangane ngayo ngamakhanda niyihleba noNgoza nezikhulu zikaHulumeni mina ngingazi ngikhona ngiyiNkosi yakho na? *(Athande ukuhwaqaba.)* |
| MPHILIPHILI: | Wena, wena wangasenhla bebebuza ukuthi ukuza kwakhe uSomtswewu ngesicelo seNkosi yami thina sikubona kuphephile yini. |
| ABAFOWABO: | Hhawu! |
| NOMEHLO: | Nanko-ke amanyala anyanyisayo! |
| SALIMANI: | Benikhuluma ngami? Nihleba? Uhleba inkosi yakho Mphiliphili? |
| MPHILIPHILI: | Phi ... phind ... e ... e Manyosi. |
| SALIMANI: | Uma ubuyindoda enobudoda ubuyocela imvumo kimi yokwenza njengoba kuthiwa yenza Mphiliphili. Uma kungenjalo, into yokuqala obuyoyenza ekuhlakazekeni komhlangano bewuyoza ukuzozithayizela kimina ngesenzo sakho ungilume nendlebe ngamahlebezi ebeniwahleba. |
| MPHILIPHILI: | Nkosi ... bengi ... ngi ... ngisathi ... thi ... |
| NONDWENGU: | Ubusathi, usathi wani? *(Efutheka.)* Khona namuhla ukusa bekungeyukwaziwa nguwe, uzobikela iNkosi ngomhlola ogilwe abelungu kuwe uma bebegila umhlola ningembila zantabanye nabo! Khona izolo ubungeyukuyibikela? |

Downloaded from Stanmorephysics.com


SALIMANI: Mphiliphili ubungeke uze ugeqwe yimina uma wena ubufisa ngikwazi ebenikuxoxa. Bafowethu nawe mfokaMgingqika, mina inhlwa angilokothi ngiyibambe isavele ngekhanda. Ukuba namabatha kwezinyawo zenduna yami lena uMphiliphili kudala kwafika ezindlebeni zami. Ngokuqaphela nje nami sekuze kwakambalwa uma kudingidwa lolu daba lokusikwa kwezwe lami ngibona izenzo nobuso bakhe ukuthi akanami. Nakho-ke bekuzihlonza kuthangi phambi kwenu. Akuzihlonzi khona manje?

[Inkundla Yoku-1, Isigcawu sesi-3:49–50]

19.1 Gagula uhlobo lwethoni etholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Bhekisa enkulumeni yomlingiswa onguMcanjana. (2)

19.2 Shono isizathu sokubakhona kodweshu lwangaphandle kulesi siqeshana. (2)

19.3 Nikeza okungumehluko phakathi kobuholi bukaMphiliphili noNomehlo esizweni senkosi uSalimani. (3)

19.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu esitholakala esingenisweni salesi siqeshana. (3)

**ISIQESHANA S**

SALIMANI: UHulumeni ucuphe uchuku. Nani niyazibonela into eyenzeka laphaya ngaphesheya. *(Esho ekhomba onongqayi nabelungu ngaphesheya.)* Ngize lapha namhlanje ukuzonikhuthaza nginimise nesibindi. Namanje ngisasho ngithi awuwelwa uMngeni. **Uma uwelwa uyowelwa ngifile.**

ABANTU: Elethu! *(Kube nobuxokololwana abantu sebecasukile babuye bazithibe.)*

SALIMANI: Njengoba ngethemba ukuthi isimemezelo sesifinyelele ezindlebeni kinina, kusasa lokhu okusayo nginokhukhulelangoqo wembizo eTsheni. Ngibize uSomtswewu nabalandeli bakhe ukuba eze azozibonela yena ulaka lwenu. Ngithe akeze akazozizwela ngamagwagwakazi akhe nisho kanye kanye nithi aninakwephucwa ilungelo lenu lokuzalwa niyogqilazwa abelungu bamapulazi. Ngiyajabula nje ukubona induna yami uSiyobi Thusi nedlanzana lamadoda ahamba nalo belapha phakathi kwenu.

ABANTU: *(balula izintamo babuka impunga yakwabo enguSiyobi.)*

SALIMANI: Ngiqonda kahle ukuthi kuke kwatholakala ukuthi bebelapha bangawuthunda bawuphuze. Bangabe bewuphuziswa yibo abelungu bamapulazi labaya behlangene noHulumeni. Njengoba nazi-ke laba bantu bami sebephenduke izigqila laphaya ngaphesheya koMngeni emapulazini. Balapha nje beqile. Khona lapha phakathi kwenu kunezimpimpi zabo abelungu noHulumeni ezizobathwala ngamaqoma zibathuthe ziyobethula kobasi bazo. *(Ahlabe ikhefu, abheke ngakuMphiliphili.)*

UMUNTU 1: Ziphi siziphihlize ngamawisa thina siziphonse emanzini zemuke noMngeni?

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| SIKHOVA: | *(uthulisa umsindo.)* |
| SALIMANI: | Ngifuna nazi ukuthi mina nesizwe sami sonke nginani. Ngeke niphanise kalula nje kuhle **kwempahla ngisawadla amabele**. |
| | [Inkundla Yoku-1, Isigcawu sesi-3:64-65] |

19.5 Chaza umsebenzi womlandi kulesi siqeshana. Bhekisa kumlingiswa oyinkosi uSalimani. (2)

19.6 Ngabe la mazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekuqondeni isimo esizweni senkosi uSalimani? (2)

19.7 Ucabanga ukuthi qhaza lini elibanjwe nguSomtsewu ukubhebhethekisa udweshu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

19.8 Kungabe ukubambisana kwenkosi uSalimani nabafowabo kusisize kanjani isizwe sayo'? Sekela impendulo yakho. (2)

19.9 Chaza isizathu sokuba khona kukaBheswa kulo mdlalo. (2)

19.10 Xoxa ngokucophelela ngobunzima obubhekana nenkosi enenduna engathembekile. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMphiliphili. (3)

19.11 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMaluzindela njengoba umyeni wakhe ethweswe icala? Yikuphi ongakwenza uma ungahle ubhekane nalesi simo? (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Ezinye izigameko ezitholakala kulo mdlalo azikholakali.

Fakazela lo mbono ubhekise kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgomo wokubhalisa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA T**

| | |
|---|---|
| PHINDISIWE: | Hhayi, Cha uyisona ngempela esathunywa ugwayi sabuya neboza. Nkululeko, okwakufaka kwezimnyama kungenxa yokuthi kawulaleli. Ngangingakuphoqile ukuthi uyigqibe indaba, angithi sasithandana, ufunani manje? |
| NKULULEKO: | Mina ngifuna sibuyelane siqale impilo yethu kabusha ngoba ngisakuthanda. *(Ngephimbo elisakuncenga)* |
| PHINDISIWE: | Isondo lendalo kalimile belu liyaguquka. Iminyaka iyanyathelana. Nempilo kufanele ingemi ndawonye kepha iqhubeke. Ngakho-ke nami ngaqhubeka. Nawe usuyoqhubeka nabanye ngoba kangisenaso isikhala sokugcina uthando lwakho, enginalo lwanele. Ngakho-ke ncenga nje mfowethu kuzolunga. Uzomthola oyokuthanda futhi. |
| NKULULEKO: | *(Ngokufutheka)* Kangicabangi ukuthi uyazizwa ukuthi uthini nokuthi ukhuluma nobani? Ungangihlanyisi Phindisiwe. Ngizokwenza into yamehlo. Ngingamane ngibuyele ngiyodonsa isigwebo sokubulala wena uma ungangazi kahle. |
| PHINDISIWE: | Angithi yinto oyijwayele yokusoconga abantu, kuyobe kungaqali ngami. Ngingazi-ke ukuthi ngiyobe ngigoqe izandla yini uma ungisoconga? Kayikho-ke into engethusayo kulokho. Kufanele wazi ukuthi kuyona yonke imizi kunezibheva zakhona, uma ucabanga ukuthi nguwe wedwa ushaye phansi. |
| NKULULEKO: | *(Uya ngokuya uyagcwalelana ocingweni.)* Usuyangisongela? Ungizwe kahle Phindisiwe, ngifuna ukukufundisa abantu njengoba ungichwensa. Kangenziwa kanjalo mina kuthule ingathi akwenzekanga lutho. |
| PHINDISIWE: | Cha kangisongi kepha ngikhuluma ngokuzokwenzeka. Yonke into inesikhathi sayo. Nathi kwakuyisikhathi esasinaso kepha uyazi ukuthi zonke izinto zihamba zifinyelele esiphelweni. Kasikho isitimela esilokhu sigijima singafinyeleli esiteshini. Sengicela ukuhamba bandla kukhona olunye ucingo oluvalwe nguwena. |

[Inkundla yoku-1, Isigcawu soku-1:10]

Downloaded from Stanmorephysics.com


21.1 Gagula uhlobo lwethoni etholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Bhekisa enkulumeni yomlingiswa onguPhindisiwe. (2)

21.2 Shono isizathu sokuba khona kodweshu lwangaphandle kulesi siqeshana. (2)

21.3 Nikeza okungafani phakathi komlingiswa onguPhindisiwe kanye noNkululeko uma bekhuluma ngothando lwabo ngokwalesi siqeshana. (3)

21.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu esitholakala esingenisweni salesi siqeshana. (3)

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA U**

MATHONSI: *(Ehlala phansi okomuntu okhathele abheke lo muntu angamaziyo.)* Siyabonana nsizwa.

NKULULEKO: *(Evumela phansi, uvalo lugubhazela esifubeni.)* Siyabonana baba.

MATHONSI: Ngibathe ngikweba ngamehlo kangiyitholi impendulo eyokuthi siyazana yini? *(kubuza uMathonsi egaxa umlenze wangakwesokudla phezu kwalowo wangakwesokunenxele.)*

NKULULEKO: Qha baba, kasazani. *(Athule. Abuye aqhubeke.)* Mina ngingowakwaKubheka ngaphesheya komfula iNgedla phansi esigodini senkosi uMthwalume eMsingeni. Inkaba yami yasala lapho-ke baba. Okwamanje ngingomunye **walabo asebabhunguka kwelakubo ngadliwa yizintaba zaseGoli**. Sengakhe khona lapha eMandeni Section. *(Ahlome amehlo phansi okwentombi ikhiyazela.)*

MATHONSI: Ngiyazi yenza njalo-ke indoda, izethule kuzwakale. Ingalokhu iziluma ulimi imbandaza nje. Phela izwe libi selibuswa ngamanqe. Asavele akudle luhlaza emini libalele. *(Aphulule utalagu lolu olusekhanda ngesandla sangakwesokunxele okomuntu esula umjuluko.)* Pho, wasihlasela sekuqundeke amehlo nje nsizwa kwenzenjani? *(Ethi ukuhlekahleka.)*

NKULULEKO: *(Athule. Aqalaze odongeni ngakwesokudla kule ndlu ahlezi kuyona akhangwe yisithombe somshado sikaMathonsi nomkakhe. Asibukisise. NoMathonsi agcine esejeqeza ngoba esedonswa yila mehlo anamathela odongweni njengoba ehlezi elufulathele nje. Umqondo ubuye ekuzululekeni. Aqhubeke.)* **Impela baba kangizile ngezindaba ezinhle. Bengicela imimoya ingaphakami ngoba yinsambatheka lena engihamba ngayo**. *(Athule abheke uMathonsi ezinhlamvini zamehlo.)*

MATHONSI: *(Luthi heqe uvalo uma ezwa lokho.)* Hhayi-ke Gubhela kuhlwa ngomnyama, yibeke ezithebeni sizwe. *(Athi ukukhwehlela kancane uMathonsi.)*

[Inkundla Yoku-1, Isigcawu sesi-2, ikhasi-13]

Downloaded from Stanmorephysics.com

21.5 Chaza umsebenzi womlandi kulesi siqeshana. Bhekisa kumlingiswa onguNkululeko. (2)

21.6 Ngabe la mazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekuqondeni isimo emzini kaMathonsi? (2)

21.7 Ucabanga ukuthi qhaza lini elibanjwe nguMakhangela ukubhebhethekisa udweshu kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

21.8 Kungabe ukubambisana komphakathi namaphoyisa kusize kanjani ekubanjweni kwezigebengu ebezigqekeza ebhange i*Forum*? (2)

21.9 Chaza isizathu sokuba khona kukaNkumbulo kulo mdlalo. (2)

21.10 Xoxa ngobunzima obubhekana nabantu abasebenzisa izindlela ezinqamulelayo zobugebengu ukubalekela amacala abasuke bewenzile. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguPhindisiwe. (3)

21.11 Uyazwelana yini nomlingiswa onguThamsanqa njengoba kuboshwe uPhindisiwe? Yikuphi wena ongakwenza uma ungahle ubhekane nalesi simo? (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**LWEZI 2025**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-33.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Imiyalelo yokumaka leli iphepha**

1. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo engaphezulu kwalena ebekumele ayiphendule, maka kuphela impendulo yokuqala/okokuqala okuphenduliwe. (**Ohlolwayo akumele aphendule umbuzo omude kanye nombuzo omfushane encwadini eyodwa/efanayo**)

2. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine esiqeshini A, (izinkondlo ezimiselwe), maka kuphela ezimbili zokuqala.

3. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili emifushane noma emibili emide esiqeshini B no C, maka impendulo yokuqala ngesiqephu bese uyayiyeka impendulo yesibili. Uma ohlolwayo ephendule yonke imibuzo emine, maka impendulo yokuqala kuphela isiqephu ngasinye, uma kuya ngokuthi umbuzo omfushane kanye nomude uphenduliwe.

4. Uma ohlolwayo ephendule imibuzo emibili bese impendulo yokuqala ingashayi emhlolweni kanti eyesibili ishaya emhlolweni, maka eyokuqala bese **uyayiyeka** eyesibili.

5. Uma ohlolwayo ebhale izinombolo zemibuzo ngokungeyikho, maka njengoba izinombolo zikhonjiswe umhlahlandlela wokumaka.

6. Uma isipelingi siguqule umqondo wempendulo, makanganikwa amamaki ohlolwayo. Uma isipelingi sinamaphutha kodwa singawuguquli umqondo wempendulo, makanikwe amamaki agcwele ohlolwayo.

7. **Imibuzo emide**
   Uma ohlolwayo ephendule umbuzo omude waba mfushane kunenani lamagama anikeziwe ungamphuci amamaki ngoba vele useziphuce yena. Uma impendulo iyinde kakhulu maka ubheke umqondo oqukethwe impendulo bese **uxoxisana nalowo ophethe iqembu labamakayo (Senior marker)**. Sebenzisa irubhriki **eyisingezelelo A no B** ukumaka nokunikeza amaphuzu ombuzo omude walowo ohlolwayo.

8. **Imibuzo emifushane**
   Uma ohlolwayo engasebenzisi omacaphuna (inverted commas) uma ecelwe ukuba acaphune, **ungamphuci amamaki**.

9. **Imibuzo evulekile**, awekho amamaki anikezwa u-YEBO/QHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMELANI. Isizathu/ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

10. Awekho amamaki atholwayo ngo-YIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Isizathu, ukwesekela/ukwenaba yikhona okunikezwa amamaki.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

**'MUSANI!' – KNN Gcumisa**

- Sebenzisa la maphuzu kanye namanye njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Izimpendulo zingahluka kuya ngokuthi umfundi uyiqonde kanjani inkondlo.
- Sebenzisa irubhrikhi yokuhlola lo mbuzo esekhasini lama-32.

**ISINGENISO**
Ohlolwayo makahlolisise lesi sitatimende, aphinde asekele umbono wakhe. Imbongi ithi abantu mabangakhali njengoba beshonelwe.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo anganikeza ubufakazi ngokukhetha amagama alandelayo namanye anembayo:

**Ukukhethwa kwamagama**
Amagama akhethwe yimbongi aveza umoya wosizi nowokuncenga.
- **Musani** – Lapha kule nkondlo imbongi icela abantu ukuba bayeke ukukhala.
- **Ukukhala** – Imbongi iyabakhuza ithi bangamkhaleli umuntu wabo osedlulile emhlabeni.
- **Ukubibitheka** – Imbongi ayamukeli ngisho bekhala buthule, iyaqhubeka iyabakhuza.
- **Ukulila** – Imbongi ikhuza nalabo abakhala kakhulu.
- **Kanazi** – Imbongi iyamangala ukuthi kungani belokhu beqhubeke bekhala njalo ibabuza ukuthi abanalwazi yini lokuthi njengoba eseshonile umuntu uye kuyiphi indawo nokuthi ungokabani.
- **Ukuthuthumela** – Imbongi ixwayisa abantu ukuthi ababothulisa abakhalela omuntu wabo uma beshone sebebadala.
- **Vulani izinhliziyo** – Imbongi ibakhuthaza ngokuthi akusho lutho ukushona kwakhe kepha abamdedele bangamvimbeli endleleni yakhe yokubuyela kuMdali wakhe.

Amagama akhethwe yimbongi aveza ithoni yokungabi nozwelo nokucasuka.
- **Kanazi yini ukuth' ungokabani na?** – Imbongi ikhombisa ukungabi nozwelo nokuxakeka enkulumeni yayo njengoba ibuza umbuzo wokuthi bekufanele ashone bekungeyena owalapha emhlabeni.
- **Eseyekhaya** – Imbongi ayikhombisi zwelo ngoba ikhuluma ngokukhungatheka ukuthi laba bantu okufanele bajabule kabazi yini ukuthi ubengeke aqhubeke nokuhlala lapha emhlabeni uphindele eZulwini.
- **Ubiziwe** – Imbongi inengekile/icasukile uma abantu bekhala ngoba lo muntu ubengeke esawuziba umyalelo wokuthi usefanele ahambe emhlabeni.

**ISIPHETHO/UVO LOMFUNDI**
Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Impela imbongi ikwazile ukukhetha amagama aveza umoya wosizi nowokuncenga kanye nethoni yokungabi nozwelo nokucasuka kule nkondlo. Lokhu kwenza abantu bangasiboni isidingo sokuthi ukhalele umuntu uma eshonile.

Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe.
[Makunikezwe amamaki aphelele ngempendulo esekelwe kahle]

[Impendulo eyi-eseyi ehleleke kahle ngokwemigomo yokubhalwa kwe-eseyi. Mayibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.] **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'WE SINXIMFI NDINI!' – MSS Gcumisa**

2.1 Ukunensa kwesigqi kuleli binza kudalwa umoya wokubhuqa/wokubhinqa/ wokudinwa/wokugxeka, imigqa emithathu inezimpawu zokuloba ekugcineni.
[Nikeza imaki elilodwa uma esishilo isizathu] (1)

2.2 Okufanayo kula mabinza, umoya wokugxeka/wokuklooda/wokucasuka ovezwa ukusetshenziswa kwesenzukuthi u'ndini' okhombisa ukubhuqa lo muntu. Imbongi ayijabule ngesenzo salo muntu onomona ngabantu abaphumelelayo ebe yena engenzi lutho olungamphumelelisa empilweni.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile okufanayo wasekela] (3)

2.3 Inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumanamaphakathi 'ophila … bephila' ukudala umgqumo omnandi osamculo kuphinde kugcizelela ukuthi lo muntu uphila ngokusetshenzelwa ngabanye abantu/ucela usizo kwabanye abantu kanti bona lezi zinto azicelayo bazisebenzele ngamandla abo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso wasekela] (2)

2.4 Isimo sokukhuluma esitholakala emgqeni wama-31 nowama-32 sinomthelela wokuletha umqondo wokuhlanekezela/wokuphikisa isimo sokukhuluma ngokuveza ukuthi imbongi ayisona isilima, iyakubona konke okwenziwa yilo mkhohlisi.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile wasekela] (2)

2.5 Imbongi iyethule kahle indikimba yale nkondlo emayelana nomona. Iyethule ngendlela engajwayelekile. Iklolodela lo muntu onomona ngokuveza izenzo zakhe ezimbi nokugxeka uma ebona abanye abantu bephumelela ekubeni yena engenzi lutho.
[Nikeza amamaki amabili uma encomile wasekela] (2)
**[10]**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'IMPI' – SRC Shongwe**

3.1 Umqondo ovezwa yisimo sokukhuluma esidwetshelwe owokuthi kunabafundi abaningi (amaviyo) kulesi sikhungo abeza nezingeqiwa ntwala okusho ubunzima/ izinkinga ezinkulu ezahlukene/ izingozi ezinkulu amabutho azigqenywa uma kade elwa empini.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umqondo] (2)

3.2 Umqondo ocashile otholakala kule nkondlo owokuthi impi okukhulunywa ngayo yimfundo. Imbongi ikhuthaza abantu ukuthi kufanele babhukule baye kofunda, babekezele ngoba akulula ukufunda kuhle kwabantu abalwa impi.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane wasekela] (2)

3.3 Umoya otholakala emgqeni we-15 owokukhuthaza/owokugqugquzela/ owokunxusa. Imbongi ikhuthaza/igqugquzela/inxusa wonke umuntu ukuba azifundele noma kunzima kangakanani angayeki njengalaba ababengamagwala bayeka asebezisola namuhla.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuchazile umoya wasekela] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.4 Ukuxhumanasiqalo, 'khohlwa', kungelekelele ukugqamisa/ukugcizelela ukuthi kuhle ukwedlulisa izimo ezinzima ezenzekile. Kumele ngizinike isikhathi sokufunda ngezikhathi zonke, ngingaphazanyiswa yilokho okuncane okungehlulayo nokungafuni ukubukwa nokwaziwa ngabantu.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukwelekelelwa ukuxhumana ekuqondeni umyalezo wasekela] (2)

3.5 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa igama, 'impi' ngoba ikwazile ukudweba isithombe sokuthi uma ufunda ufana nomuntu olwayo/osempini, ngeke uyithole imfundo ungazange uyisebenzele kanzima.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngokusetshenziswa kwegama wasekela] (2)
**[10]**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'IZINGXABO ZOMNYEZANE' – EJ Mhlanga**

4.1 Kusetshenziswe lezi zimpawu zokuloba ukhefana (,) nongqi (.) ukukhombisa ukuthi yonke le migqa ivalekile/ukuze kwakheke isigqi esinensayo.
[Nikeza amamaki amabili uma esishilo isizathu] (2)

4.2 Imbongi ifuna ukufunda ukuze ibe nokukhululeka emphefumulweni iphinde igcizelele ukuthi uma ifundile izohlala njalo inokunethezeka.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane wasekela] (2)

4.3 Ithoni etholakala emgqeni wesi-8 eyokulangazelela. Le thoni ingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi imbongi ilangazelela/ifisa ukuthola ulwazi olujulile oluzoyenza ikwazi ukumelana nanoma yisiphi isimo futhi ingaphelelwa yithemba.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ukusetshenziswa kwethoni] (2)

4.4 Ngicabanga ukuthi ukusetshenziswa kwempindwa 'Ngilangazel' ukudepha …' kube nomthelela wokuba ngiqonde ukuthi imbongi ifisa ukuthola ulwazi lwemfundo olujulile/olunzulu futhi inogqozi lokufunda ize ifike eqophelweni eliphezulu.
[Nikeza amamaki amabili uma ewushilo umcabango wasekela] (2)

4.5 Isihloko 'izingxabo zomnyezane' sihambelana kahle nokushiwo yinkondlo ngoba imfundo ijulile ikwenza ukuthi ugxile/ujule ngokolwazi olungapheliyo njengezimpande zesihlahla somnyezane ezelekelela ukuthola amanzi ukuze lesi sihlahla singabuni. Ngiphinde ngithole ulwazi olujulile olungelekelela ukuba ngiphile kamnandi.
[Nikeza amamki amabili uma ephawulile ngempumelelo wasekela] (2)
**[10]**

**KVZ**
**SGT**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**'NGINAWE' – KA Mkhize**

5.1 Ukuxhumana-okutshekile.
[Nikeza imaki elilodwa uma enikezile uhlobo lokuxhumana] (1)

5.2 Imbongi isebenzise i-enjambamenti ukuxhumanisa umqondo emgqeni wesi-7 kuya kowesi-9 ukudala ilukuluku kanye nokufunda okungaphazamiseki. Isetshenziswe ukuze umugqa wesi-7, kuya kowesi-9 ube namagama amathathu umugqa ngamunye. Isetshenziswe ukuze umugqa wesi-8 nowesi-9 ube nemvumelwanosiqalo u'ngi-' eyenza kube nomgqumo omnandi osamculo. (3)

[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane wasekela]

5.3 Le migqa ingelekelele ukuba ngiqonde ukuthi abantu abakhuluma izindaba bamtshelile ngezinkinga asengene kuzo lo muntu imbongi ekhuluma ngaye.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umqondo wenkondlo wasekela] (2)

5.4 Imbongi ihlose ukugqamisa ukuthi lo ekhuluma naye unekhanda eliqinile, akalaleli uma exwayiswa. Ngakho-ke ibonile ukuthi ukukhuluma nalo muntu akusizi ngalutho.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo inhloso wasekela] (2)

5.5 Umyalezo odluliswa yimbongi ubalulekile ngoba usifundisa ukuthi uma abantu besenkingeni mabasizwe bese nabo bayavuma ukwamukela usizo. Lokho kuzobasiza ukuba baphume ezinkingeni ababhekene nazo, njengoba nalo muntu imbongi ekhuluma naye uthe esenkingeni, wasizwa, walwamukela lolo sizo yingakho egcine esesizakele/eselaphekile.
[Nikeza amamaki amabili uma ephawulile ngomyalezo wasekela] (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

## UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

### *BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Umbono othi ukuvezwa komlingiswa onguMhlengi kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe awunabo ubuqiniso obuphelele ngoba ukuvezwa kwakhe kule noveli kanye nezinye izenzo zakhe kumdalela izinkinga empilweni yakhe.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nokuvezwa komlingiswa onguMhlengi kanye nezenzo zakhe okungahambisani nezibusiso kuphela kule noveli.

- Isenzo sikaMhlengi sokutshela uNontobeko ukuthi mabahlukane senza ukuba kungabi nasibusiso empilweni kaMhlengi. Akamtsheli isizathu salesi sinqumo, uNontobeko umthela ngezinyembezi ngoba engahambisani nesinqumo sikaMhlengi. Lokhu kwenza uNontobeko alokhu ebambelele ekutheni basengalungisa izinto babuyelane.
- Isenzo sokuthi ubaba kaMhlengi uNgidi akhethe ukuphilela uMhlengi uma umama wakhe eseshonile ngokumupha ipulazi kube yisibusiso empilweni kaMhlengi. Lesi sibusiso siyashabalala uma etshela uyise ukuthi uyi-*gay* ngoba uNgidi uyamxosha aze amphuce nesipho sepulazi ayemthengele lona.
- Isenzo sikaMhlengi sokufuna ukulandela imizwa yakhe siba yisibusiso empilweni yakhe. Konke ayekuhlelile kuhamba kahle, uyahlinzwa, uyaguquka uba ngumuntu wesifazane okwenza aqala impilo yakhe kabusha.
- Isenzo sikaMhlengi sokuziguqula ubulili asibanga yisibusiso empilweni yakhe ngoba ulahlekelwa ngumngani wakhe weminyaka uMandla ababefunda naye ngenxa yesenzo sakhe sokukhetha indlela yokuphila engahambisani naye uMandla. UMhlengi uba yinkomo edla yodwa angabi namuntu amxoxela izimfihlo zakhe.
- UMahlengi uyabusiseka ngokuthola isoka elimthandayo uNdumiso ngemuva kokuguqula ubulili. Siyashabalala lesi Sibusiso ngenxa yesenzo sakhe sokudamane ehlangana noXolani yize ekhona uNdumiso. UNdumiso ushaya uXolani ngenxa yokusola ukuthi uthandana noMahlengi. Uyahamba uNdumiso uyobamba uNgidi inkunzi abulale noNyambose. UXolani akasabi nesikhathi somndeni wakhe ngenxa yokuthi usechitha isikhathi esiningi noMahlengi.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Izigameko ezingenhla ziyakufakazela ukuthi izenzo zikaMhlengi/Mahlengi nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe kodwa kube khona nezinkinga/ nezingqinamba.

Downloaded from Stanmorephysics.com

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi izenzo zikaMhlengi/ Mahlengi nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe ukuphendula umbuzo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

7.1 UXolani wayejatshuliswa ukuphuza, ukudla kanye nokuxoxa sengathi kade bazana, baxoxa ngezintuba zamathuba ayezobahlomulisa ngo-2010 benoMahlengi. (2)
[Nikeza amamaki amabili uma egagulile okwakujabulisa uXolani]

7.2 UXolani uthuthukisa indikimba yothando ngokuvakashela uMahlengi, bayahagana uma sebehlukana aphinde azisole nangendaba yokusheshe aganwe. Lokhu kukhombisa uthando analo ngoMahlengi.
[Nikeza amamaki amabili uma elinikezile iqhaza wasekela] (2)

7.3 Isizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka esikhathini samanje ngoba uXolani usebenzisa iwashi ukubheka isikhathi. UXolani uhamba ebusuku uma esuka efulethini likaMahlengi ushayela imoto. Abantu besifazane sebekhululekile, uMahlengi uhaga uXolani ngenkathi esehamba yize noma bengakathandani.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile isizinda ngokwesikhathi wasekela] (3)

7.4 Izenzo ezikhombisa ukuthi umlingiswa onguMahlengi unobuntu wukuthi uhlinzeka uXolani ngokudla nokuphuzwayo. Umvulela umnyango aphinde amphelezele uma esehamba. Uyambonga ngokuthi ukwazile ukumvakashela.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane] (3)

7.5 Umphumela wesenzo sokuzibulala kukaNkululeko awubanga muhle. Lesi senzo sinobudedengu ngoba wathatha isinqumo sokuzibulala kanti ekugcineni uNontobeko wayengeke esakwazi ukubuyelana noMhlengi ngoba wayeseziguqule ubulili. Lokhu kwakungaba ithuba elihle lokubuyelana noNontobeko balungise izinto, bagcina beshadile.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile wasekela] (3)

7.6 Le nkulumompendulwano ikhombisa ukuthi uNgidi noNontobeko kukhona abafihlelana khona. UNgidi ufihlela uNontobeko ukuthi uMhlengi wayemtshelile ukuthi uyi-*gay*. UNontobeko ufihlela uNgidi ukuthi njengoba enaye ubalekele umshado wakhe noNkululeko.
[Nikeza amamaki amabili uma eyihumushile inkulumompendulwano] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


7.7 Isenzo sikaNgidi simveza njengomlingiswa onozwelo/onothando/onezimfihlo. UNgidi uncenga uNontobeko ukuthi akangakhali njengoba naye imphatha kabi le ndaba kaMhlengi. Unezimfihlo akafuni ukutshela uNontobeko iqiniso ngoMhlengi lokuthi wamtshela ukuthi u'gay'.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo ukuvezwa komlingiswa] (2)

7.8 Lezi zingane zibhekana nobunzima ngoba yize noma bezikhulele ekhaya elifudumele kodwa isimo siyaguquka uma abazali sebengasathembeki. Uyaqala umzali ongathembekile angabi nesikhathi sazo njengoba kwenzeka ezinganeni zikaXolani. UXolani wazithembisa ukuhamba nazo wazikhohlwa waphinde wazikhiyela endlini zasha zaze zashona ngoba wayesechitha isikhathi noMahlengi kunokuba asichithe nazo.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ubunzima wasekela ngezingane zikaXolani] (3)

7.9 Ngokucabanga kwami kuyingozi kakhulu ngoba uNontobeko wagcina elahlekelwa okukhona ngokungekho. Weqa ngosuku olwandulela olomshado ngenxa yokuthanda uMhlengi wayomfuna. Wamthola eseziguqule ubulili kanti noNkululeko ayezoshada naye wayengasekho esezibulele.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wasekela] (2)

7.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le noveli ngengwijikhwebu njengoba uNgidi, uNontobeko, uNomalanga bafica uMhlengi esephila njengomuntu wesifazane okwenza bangakwazi ukuzwa izwi nokumbona ukuthi nguye lo abambonayo. UXolani uyamangala uma ezwa ukuthi uMahlengi wayengumuntu wesilisa okudale ukuthi azisola kakhulu. Kanjalo noMahlengi/ Mhlengi uyamangala uma ebona uNontobeko noNgidi kanye noXolani abengalindele ukuthi bangathola iqiniso ngempilo aseyiphila.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngengwijikhwebu wasekela] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Umbono othi ukuvezwa komlingiswa onguNomvula kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe awunabo ubuqiniso obuphelele ngoba ukuvezwa kwakhe kule noveli kanye nezinye izenzo zakhe ziyamdalela izinkinga empilweni yakhe.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nokuvezwa komlingiswa onguNomvula kanye nezenzo zakhe.

- Ukusebenza kukaNomvula kwa*Dicey* emuva kokuba axoshwa uyise omncane uMeyili ngoba ekhulelwe kwaba nesibusiso empilweni yakhe. Uwina i-pick six eyashintsha impilo yakhe. Imkhipha enhluphekweni yokusebenza *kwaDicey* emakhishini.
- Nakuba awina i-pick six emjahweni wamahhashi baba baningi abantu abazisondeza kuye ngoba befisa ukuba bazuze kumcebo wakhe.
- Ukuwina kwakhe i-pick six kwenza ukuba umndeni wakhe ufune ukuthola lo mcebo. Amanye amalungu omndeni afuna ukumbulala nonina UMaNdelu. (ujikelwa ngumndeni). UMeyili uyawufuna lo mcebo ufuna ukuwongamela. UMaHadebe nendodana yakhe, uMahuzu nabo bayawufuna.
- Inhlanhla kaNomvula yokuwina *i*-pick six yenza uthando lwakhe lube yinkinga. UGenyeza uphenduka ibhubesi ngoba uba nesikhwele esibi ashaye wonke umuntu osondela eduze kukaNomvula.
- Isenzo sikaNomvula sokuvumela ukuba uChule abe umvikeli wakhe asibanga yisibusiso empilweni yakhe.
- Ukushada noChule akubanga yisibusiso kuNomvula ngoba yize benesithabathaba somuzi nebhizinisi lesitolo kepha abajabule emzini wabo. Umculo kaGenyeza ubanga ingxabano enkulu ngoba uChule usola ukuthi uthando lukaNomvula alukapheli ngenxa yezinsongo zomculo kaGenyeza. UChule umphilisa kabuhlungu uNomvula ugcina akha itulo lokumbulala ngokuhlela iqhinga lokumbulala yize asinda.
- Ukubuyelana noGenyeza aphinde ashade naye kuba yisibusiso empilweni kaNomvula ngoba bagcina sebenethezekile emzini wabo.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Izigameko ezingenhla ziyakufakazela ukuthi izenzo zikaNomvula nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe kodwa kube khona nezinkinga/ nezingqinamba.

Downloaded from Stanmorephysics.com


(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi izenzo zikaNomvula nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe ukuphendula umbuzo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

9.1 UMirriam wayesekhishini elungiselela abakwaDicey. UGenyeza wasebenza isikhashana wase ecela kumkaMarshall ukuphelezela uMirriam.
[Nikeza amamaki amabili uma egagulile izenzo zabalingiswa, uMirriam noGenyeza] (2)

9.2 UGenyeza uthuthukisa indikimba yothando ngokweseka uMirriam ngokucela ukushayisa masisha ukuze amphelezele uma eseyolanda imali.
[Nikeza amamaki amabili uma elinikezile iqhaza wasekela] (2)

9.3 Isizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka esikhathini samanje. Kusetshenziswa indlela abantu abagqoka ngayo izingubo, uGenyeza ugqoke ibhulukwe nebhuleza ufake nothayi. Kusetshenziswe indlela abantu besifazane abazilungisa ngayo, uMirriam uyaziphaqula azimonyonge afake nesiqholo esiphambili esenza alandelwe yizinsizwa. Kusetshenziswa izimoto, uMirriam uzolandwa ngemoto ephambili ukuyolanda imali ebhange ungena ephuma emahhovisi.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile isizinda ngokwesikhathi wasekela] (3)

9.4 Okufanayo phakathi kwezenzo zomlungu owaya eNgilandi kanye nezomka*Dicey* wukuthi bobabili basiza abantu ngezingubo zokugqoka. Umlungu owaya eNgilandi wadayisela uGenyeza ibhantshi ayeligqoke mhla ephelekezela uMirriam eya edolobheni kanti umkaDicey wayephe uMirriam izingubo ayezigqokile ngosuku lokuyolanda imali.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile okufanayo] (3)

9.5 Lesi senzo sikaDicey sinomphumela omuhle ngoba uNomvula wagcina esezidlalela naye lo mjaho okwenza wawina umcebo owaguqula isimo sempilo yakhe nesomndeni wakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile wasekela] (3)

9.6 Le nkulumompendulwano iveza ukuthi uMirriam ungumuntu okholelwa othandweni loMdali nokuthi wayengakholwa ukuthi yena wayengawina lo mcebo omningi ngale ndlela.
[Nikeza amamaki amabili uma ehumushile inkulumompendulwano nesenzeko] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

9.7 Isenzo somlingiswa onguNomvula simveza njengomlingiswa ofundile ngoba uma ethunywe ukuba ayodlalela uDicey amahhashi, naye afake awakhe amathikithi, okholelwa emadlozini nakuMdali futhi onenhlonipho. UNomvula ubiza uMdali nobaba wakhe ongasekho uma ezwa ngokuwina kwakhe. Onenhlonipho ngoba ungena endlini kaDicey ufika usonga izandla uyakhophoza. Uvezwe njengomlingiswa ofundile. Uyodlalela *uDicey* amahhashi naye ufaka awakhe amathikithi.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo ukuvezwa komlingiswa] (2)

9.8 Abanye abantu besifazane abanemali babhekana nobunzima bokuqolwa imali. UMaDludla wabhekana nobunzima bokuthi uChule amqole imali ayeyishiyelwe ngumyeni wakhe ngokushada naye umshado ongekho emthethweni. UNomvula wacishe waqolwa imali yakhe nguChule owashada naye umshado ohlanganisa amafa.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ubunzima wasekela] (3)

9.9 Ngokucabanga kwami kuyingozi kakhulu ngoba uNomvula wathandana noGenyeza iminyaka eyi-15 engamloboli. Wayemhlukumeza ngokumshaya, abuye athandane nabanye abantu besifazane njengoThoko. Wayebuye aphinde ambize ngamagama ahlabayo. Ekugcineni wagcina esethahwe nguChule.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wasekela] (2)

9.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le noveli ngengwijikhwebu njengoba uGenyeza ubeseziculela evela nakomabonakude, uNomvula ubuyelana noGenyeza, bashade bagcina sebehlezi emzini wabo.
[Nikeza amamaki amathathu ma ephawulile ngengwijikhwebu wasekela] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Umbono othi ukuvezwa komlingiswa onguDumazile kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe awunabo ubuqiniso obuphelele ngoba ukuvezwa kwakhe kule noveli kanye nezinye izenzo zakhe ziyamdalela izinkinga empilweni yakhe.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nokuvezwa komlingiswa onguDumazile kanye nezenzo zakhe okungahambisani nezibusiso kuphela kule noveli.

- UDumazile uba nesibusiso lapho ubaba wakhe, uKheswa evuma ukuba aye koqhubeka nokufunda isikole yize engezukuhlala ekhaya. UKheswa nakuba wayengathandi kepha inkosikazi yakhe uMaNdovela iyamncenga. UKheswa udayisa ngenkomo ukuze uDumazile ahambe ayofunda.
- Isibusiso sokuba muhle kanye nokuzithanda kwakhe kwaba nezinkinga empilweni yakhe. Ushelwa nguthisha, uyamqoma uzondwa yizingane zesikole agcine esezondwa ngothisha besifazane uMemu Mpungose noMemu Ngcamu. Nakuba enaso lesi sibusiso kodwa siyashabalala ngoba uyakhulelwa agcine ngokuxoshwa esikoleni. Lokhu kwenza ukuba agcine engasiqedanga isikole. Ubanga isoka elinguthisha uMoloi noMisi Hlophe.
- Isibusiso sokuthola ithuba lokulungisa impilo yakhe siba khona ngenkathi ethola umsebenzi kwaSithole. Nakuba ethole isibusiso sokukhuthala kanye sokuthandwa ngumqashi wakhe uSithole uba nyamanambana kwabanye abasebenzi ikakhulukazi uLizy. Umqambele amanga kuMaNzimande inkosikazi kaSithole.
- UDumazile uthola isibusiso sokuba uSithole amthengele umuzi eMafezini, eMlazi. Uqoma uSithole, uyakhulelwa. USithole uyamfundisa uba ngumhlengikazi, aphinde amthengele imoto. Sashabalala isibusiso ngenkathi eshayisa imoto yomlungu kwalimala nezinye izimoto. Izindleko zokulungisa imoto yomlungu zathwalwa nguSithole owagcina ngokuboshwa uma esehluleka ukuzikhokhela.
- UDumazile uba nesibusiso sokuthola umendo ngokushada noMtalaselwa yize enezingane ezimbili kobaba abehlukene. Siyaphela isibusiso ngenkathi uDumazile esephinde ehlangana noMoloi baphinde bathandane futhi.
- Yize uDumazile ebe nezibusiso kodwa ziyashabalala ngenkathi eqhubeka nokungaziphathi kahle okuholele ekubeni azithole esengene enkingeni enkulu yokulwa kukaSithole noMoloi emzini wakhe ebe eganile. Ugcina ngokubaleka aye kwaNongoma ezihlotsheni zakhe, alaliswe esibhedlela ngenxa yesifo sengculaza aze ashone.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Izigameko ezingenhla ziyakufakazela ukuthi izenzo zikaDumazile nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe kodwa kube khona nezinkinga/ nezingqinamba.

Downloaded from Stanmorephysics.com

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi izenzo zikaDumazile nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe ukuphendula umbuzo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUNJALO-KE* – MJ Wanda**

11.1 Wabeka incwadi phezu kwetafula, waphuma engazange athi vu ngomlomo futhi kazange ame uma ebizwa nguMoloi.
[Nikeza amamaki amabili uma egagulile izenzo zomlingiswa onguDumazile] (2)

11.2 Uthisha uMoloi uthuthukisa indikimba yokuxegelwa isimilo ngoba ujabulela ukuqonywa nguDumazile oyingane yesikole ekubeni yena ewuthisha futhi eganiwe. Umnika ukhiye wasekotishi lakhe ukuze amenzele itiye.
[Nikeza amamaki amabili uma elinikezile iqhaza wasekela] (2)

11.3 Isizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka esikhathini samanje. Kusetshenziswa ubudlelwane phakathi kukathisha nomfundi, uDumazile unika uthisha isithombe sakhe. Kusetshenziswe ulimi lwesiNgisi, uDumazile watshelwa ukuthi asabele ngokuthi '*Sir*' nothisha ambize *ngosweet-heart*. Kusetshenziswa izinto eziphambili ezithengwa edolobheni, uDumazile ugqoka iwashi legolide, ingqephu ephambili emenza agqoke aconse.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile isizinda ngokwesikhathi wasekela] (3)

11.4 Okufanayo phakathi kwezenzo zikathisha uMoloi kanye nezikaDumazile wukuthi bobabili bakhombisa izenzo zothando. UDumazile ufika nesithombe usipha uthisha uMoloi kanye nencwadi yokumqoma. Uthisha uMoloi ubiza uDumazile ngamagama othando ngokumbiza ngomntakwabo nangelika-ngo*sweet-heart* ngenkathi ebonga ukumqoma. Umthengela nezingubo zokugqoka uma kuphele inyanga.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile okufanayo] (3)

11.5 Lesi senzo sikaLizy sinomphumela omubi ngoba uMaNzimande waxosha uDumazile kwakhe. USithole uyamthatha uDumazile uyomhlalisa esitolo. UMaNzimande wayesehlala ngokuxabana noSithole okwaholela ekutheni ashiywe nguSithole aye kohlala noDumazile eMafezini. Ngakho-ke UMaNzimande wasala noMpisendlini wagcina esehlupheka waze wayosebenza emajalidini.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile wasekela] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

11.6 Inkulumo ebhalwe ngokugqamile iveza ukuthi uMaNzimande wayengakuthokozeli ukubuya kukaDumazile esitolo. Lokho kwamenza wagcwala intukuthelo uMaNzimande.
[Nikeza amamaki amabili uma eyihumushile inkulumo] (2)

11.7 Isenzo somlingiswa onguSithole sivezwa njengomlingiswa onesikhwele, ozicabangela yedwa nongathembekile. USithole uba nesikhwele uma ebona izinsizwa ezijatshuliswa ukubuya kukaDumazile. Akazedlulisi kuDumazile izingcingo ezingena ehhovisi lakhe zifuna uDumazile nakuba kumjabulisa ukuthi ukungena kwezesheli zikaDumazile kwenza kuthengwe esitolo sakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo ukuvezwa komlingiswa] (2)

11.8 Lezi zingane zibhekana nobunzima ngoba yize bezikhulele ekhaya elifudumele kodwa isimo siyaguquka uma abazali sebengasathembeki. Ukuqala komzali ukungathembeki kungenza angabi nesikhathi sazo njengoba kwenzeka kuMpisendlini. USithole wayesehlala noDumazile eMafezini uMpisendlini wayeseke eswele ngisho ukudla.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile wasekela] (3)

11.9 Ngokucabanga kwami kuyingozi kakhulu ngoba uMisi Hlophe uzithola ezehlisa isithunzi ngokubuza uDumazile mayelana nokuthandana nothisha uMoloi. Lokhu okwenza agcine esedelelwa aphinde aphoxwe nguDumazile oyingane yesikole. UMisi Hlophe umtshela ukuthi ahlukane noMoloi wagcina esetshela abanye othisha ukuthi angeke esamfundisa uDumazile.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wakhe] (2)

11.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha ngengwijikhwebu njengoba uMaShandu exolisa kubalingani bakhe oKheswa ngokungazwani kwakhe noDumazile kanjalo noKheswa utshela abantu ukuthi uDumazile umendo umehlulile ngakho-ke uyaxolisa kubalingani bakhe bakwaNxamalala.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngengwijikhwebu wasekela] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**

Umbono othi ukuvezwa komlingiswa onguBafana kanye nezenzo zakhe kuhambisana nezibusiso kuphela empilweni yakhe awunabo ubuqiniso obuphelele. Nakuba enazo izibusiso kepha zikhona ezinye izenzo zakhe ezimdalela izinkinga empilweni yakhe.

**UMZIMBA**

- UBafana unesibusiso sokuba nomalume omkhulisile, wafunda yize uyise amlahla. UBafana unesibusiso sokuthola umkakhe ofundile osebenza kahle ongu*Poppie* osebenza njengomhlengikazi futhi banomuzi omkhulu omuhle eMlazi bathuthe baye kohlala eLa-Lucia. Izingane zabo zifunda ezikoleni zabelungu.
- Isibusiso sakhe siyashabalala ngenxa yesenzo sakhe sokungamukeli umalume wakhe uCele ngenkathi ezocelela izingane zikaLinono indawo yokuhlala ngoba zaziphethwe wungomile futhi sebehluleka ukuzondla eMpaphala. Uyenqaba ukuthi lezi zingane zikadadewabo, oHlanganisani no-Uzithelile zizohlala nabo eMlazi ngoba indaba ephathelene nezingane yengamelwe ngu*Poppie*.
- UBafana uyehluleka ukulawula umndeni wakhe waseMlazi lokhu kudala ukuba izenzo zenkosikazi yakhe zimqhathe nomndeni wakhe ngoba akafuni lutho olumhlanganisa nomndeni kaBafana waseMpaphala. UBafana uyehluleka ukulawula umndeni wakhe *uPoppie,* uyakwazi ukuthatha izinqumo eziqhatha uBafana nomndeni wakhe njengoba ala ukugqoka nokuziphathisa okukamakoti.
- Isibusiso sokuthola abantwana ayefisa ukuba nabo okungu*Melody* no-*Euthenesia* sashabalala ngenxa yezenzo zakhe zokuqhelelana nokukhuliswa kwazo. UMelody unezinkinga zobudlelwane ugcina ethole izingane ezimbili ezinobaba abehlukene. U-*Euthenasia* untshontsha imoto ka-*Miss Hawkins* nemali kaMaXakushe agcine ngokweqa waya eMpaphala.
- Waba nesibusiso sokusebenza kahle enkampanini ayephethe kuyo, i-*Eagle American Amalgamated*.
- Izinkinga zakhe no*Poppie* zashabalalisa isibusiso sakhe ngoba babebanga indaba yokuthi uPoppie athengela izingane imoto kanti wayethe angayithengi.
- Wathola isibusiso sokufundiswa yinkampani ayesebenza kuyo ukuze abe nolwazi oluthe thuthu. Lesi sibusiso sashabalala ngoba u*Poppie* wahamba nezincwadi zakhe okwakufanele afunde ngazo. UBafana wagcina ngokusula emsebenzini.
- UBafana uphinde abe nesibusiso sokuthola eminye imisebenzi kwa-SAPPI eMandeni, emshinini kashukela eFelixton naseBhalanki e*Newcastle*.
- UBafana wathola imali enkulu ngokudayisa umuzi wabo oseMlazi, wayichitha nabangani nasezintweni ezingenamsebenzi.
- Isibusiso sokuba ahlangane nomhlolithwasa uMaMsibi senza ukuba athole ithuba lokuguquka empilweni. Wathola neNdiya elamkhuza ngenkathi esecabanga ukuzibulala. Ugcina ebuyela eMpaphala. Umndeni wakhe uyamamukela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Izigameko ezingenhla ziyakufakazela ukuthi izenzo zikaBafana nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe kodwa kube khona nezinkinga/ nezingqinamba kubantu abasondelene naye nakuyena uqobo.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukuthi izenzo zikaBafana nokuvezwa kwakhe akubanga nezibusiso kuphela empilweni yakhe ukuphendula umbuzo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

13.1 Baqala bakuthokozela ukukhuluma kukaMaXakushe isiNgisi. Base beqala ukukhetha amagama abawakhuluma uma kukhona ugogo uMaXakushe.
[Nikeza amamaki amabili uma egagulile izenzo zabalingiswa abangoMelody no-*Euthenasia*] (2)

13.2 Umlingiswa onguMaXakushe uthuthukisa indlela yokuziphatha ngokulekelela umndeni wakwaNgubane ekukhuliseni izingane. Akazivumeli ukuba zenze noma yini njengokudla indendende zibuke nomabonakude ngezikhathi ezingavunyiwe.
[Nikeza amamaki amabili uma elinikezile iqhaza.] (2)

13.3 Isizinda ngokwesikhathi kulesi siqeshana sikhombisa izinto ezenzeka esikhathini samanje. Kusetshenziswe ulimi lwesiNgisi, u-*Euthenasia* ukhuluma no*Melly* ngolimi lwesiNgisi ngenkathi emtshela ngogogo osezenza ubhiligadiya wakwaNgubane. Kusetshenziswa ukuba khona kwabantu abasizayo basezindlini, u-*Euthenasia* ubalisa ngokuthi abadingi ukuba balokhu bebhekwe ugogo uMaXakushe ngoba sebekhulile abasezona izingane ezimelwe ukugadwa. Kusetshenziswa izinto zokuchitha isizungu, izingane zithola isikhathi sokuvula i-*TV* uma uMaXakushe engekho.
[Nikeza amamaki amathathu uma enikezile isizinda ngokwesikhathi wasekela] (3)

13.4 Okufanayo phakathi kwezenzo zika-*Euthenesia* kanye nezika*Melody* wukuthi bobabili bakhombisa ukuthi abanayo inhlonipho. U-*Euthenesia* uhleba ngoMaXakushe ambize ngomantshingelane, ubhiligadiya kamaqhuzu nokhomandanti ekubeni ewumzanyana. U*Melody* unyathela izicathulo abuye azikhumule engazisombululanga izintambo okuyisenzo ayesikhuzile kubona uMaXakushe./babemkhuthaza ukuthi avakashele umhlobo wakhe waseMzimkhulu ukuze bazenzele ithuba lokuba bashaye izingcingo.
[Nikeza amamaki amathathu uma ekunikezile okufanayo] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


13.5 Umphumela wesenzo sikaBafana owokuthi uBafana afunde ukungababukeli phansi abanye abantu. Uthe esenenkinga nomndeni wakhe wanikwa usizo lokwelulekwa ngokwezengqondo nguDkt. Thathezakhe lona ayembukela phansi besafunda naye ekolishi.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile wasekela] (3)

13.6 Inkulumompendulwano ebhalwe ngokugqamile iveza ukumangala nokungakholwa kukaCele indlela umshana wakhe akhulume ngayo naye. Ucishe wamshaya kodwa wazibamba ngenxa yokuthi uyikholwa.
[Nikeza amamaki amabili uma eyihumushile inkulumompendulwano] (2)

13.7 Isenzo somlingiswa onguNgubane simveza njengomlingiswa ohlelayo, ongahloniphi nongenazwelo. UNgubane uvezwa nguCele ngoba umtshela ukuthi useluhlelile usuku neviki lonke akabuye abuye.
[Nikeza amamaki amabili uma ekushilo ukuvezwa komlingiswa] (2)

13.8 Izingane ezishiywa ngabazali uma beyogana zibhekana nobunzima bokungatholi uthando nokunakekelwa ngabazali bazo ngoba basuke bengahlali nazo bengaziboni izinselelo ezibhekana nazo nsukuzonke. NjengoHlanganisani no-Uzithelile baphathwa yisifo sendlala ungomile ngenxa yokungondleki ngoba umama wabo, uLinono, wayesegane kwaNdlovu, engekho eduze kwabo. UHlanganisani waphoqeleka ukuba asebenze emajalidini, wayedayisa inkowankowane ayeyikha uma izulu linile. Uzithelile wayelusa izinkomo, aziyise nasediphini.
[Nikeza amamaki amathathu uma ebuchazile ubunzima wasekela] (3)

13.9 Ngokucabanga kwami kuyingozi kakhulu ngoba u*Melody* uthandana noMandla athole ingane yize uMaMthimkhulu wayengabufuni lobu budlelwano. Utshela u-Uzithelile ukuthi uyamthanda uMandla yize eselobola omunye umuntu. Wayencamela ukuyohlala emkhukhwini inqobo nje uma ezohlala noMandla. Ukulahlwa kwakhe nguMandla kuholela ekutheni abe nengcindezi afune ukuzibulala.
[Nikeza amamaki amabili uma enikezile umbono wakhe] (2)

13.10 Umbhali uphumelele kahle ukuphetha le noveli ngengwijikhwebu njengoba uHlanganisani ulanda uMaMthimkhulu osehamba ngenduku, wamukela noNgubane ngesikhathi efika eMpaphala. EMpaphala bahlatshiswa ngezintondolo ezimbili ugogo waseNhlalayenza ubathela ngenyongo. Lokhu kungukubamukela kahle yize bona babengabamukeli emzini wabo.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile ngengwijikhwebu wasekela] (3)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 14: UMBUZO OMUDE**

***UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Kujwayelekile ukubona ukuthi uma abantu bebhekene nezimo ezithile basebenze ngokuzikhandla/ngobuqili ukuze bazuze lokho abakudingayo. Nakulobu buciko bomlomo obulandelayo kunabalingiswa abake babhekane nezimo ezinzima, bazibekezelele, basebenze ngokuzikhandla/ngobuqili bagcine sebekuzuzile abakudingayo noma bangaphumeleli.

**UMZIMBA**
**INGANEKWANE: 'INGWENYA EDLA UTSHANI'**

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo namanye amayelana nendlela abalingiswa abenza ngayo ukuze bazuze abakudingayo.

Kule nganekwane kutholakala uMazinyo ozama ngawo onke amandla ukuziphilisa.
- UMazinyo izinto zazingamhambeli kahle wayebulawa yindlala, ichibi ayehlala kulo lase lingenazo izilwane eziphuza kulo amanzi.
- Lokhu kwakudalwe ngukuthi izilwane eziningi, ngaphandle kwezinkawu, zase ziphucuzekile sekufike intuthuko yompompi la zazihlala khona.
- Wazama uMazinyo ukulutha inkawu eyase iphuza ngepayipi khona lapho echibini.
- Inkawu yeluleka ingwenya, uMazinyo ukuba izidlele utshani. Wazama uMazinyo ukulutha impala wayitshela nokuthi yena usedla utshani nemifino ngenxa yempucuko. Waveza ukuthi asisekho isilwane asicathamelayo.
- Yazama ingwenya ukucela impala ukuba isondele iyikhele imithi ngoba yona ayifinyeleli ezihlahleni. Impala yasindiswa ngukuthi inkawu yathi izojikijelela ingwenya izihlahla. Yehluleka kanjalo ingwenya ukuthola impala.
- Izilwane zasinda kanjalo ekutholakaleni sezidliwa yingwenya.

**'IZIBONGO: IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI'**

Kulezi zibongo inkosi u-Albert Luthuli udele ubukhosi waya kofunda ukuze akwazi ukulwisana nobandlululo.

- Inkosi u-Albert Luthuli wasebenzisa amathuba okufunda waba nguthisha waze waphumelela empilweni.
- AbeLungu baze bayamangala esethweswa iziqu yi-American Board ngokuphumelela kwakhe.

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Usebenzisa ithuba lokuba abelungu bamfundise nolimi lwesiNgisi ugcina ngokuphumelela ukubavukela esiswini njengotshwala abeLungu labo esebenzisa leyo mfundo ayithole kubo ukuthuthukisa umphakathi wabamnyama.
- Ukhombisa ukuba ngumholi weqiniso kubantu ubakhombisa indlela okumele bayihambe ukuze bathole inkululeko.
- Uyaphumelela ukufaka imfundiso yenkululeko ezikoleni nasemasontweni.
- Wayeyinkosi kodwa udela ubukhosi bakhe ukhetha ukulwela abantu abansundu, uze uya kwamanye amazwe anjengoZimbabwe noNoweyi.
- Ngokusebenzisa amathuba okufunda, ukwazi ukuba yingxenye yalabo abahlahla indlela eya enkululekweni ngo-1994.
- Ngobukhulu ubuhlakani usebenzisa imfundo yakhe ayizuza kubo abamhlophe wabashintshela.
- Ulwa ngokubhala efundisa isizwe sabampisholo, abelungu bona balokhu belwa ngezikhali/ngezibhamu.
- Inkosi u-Albert Luthuli wayeyingqalabutho kwezombusazwe.
- Uba negalelo elikhulu futhi waphumelela ukuhola inhlangano kaKhongolose kuphela ngenjongo yokugqabula amaketango obandlululo lwabamhlophe kubantu abamnyama.

**ISISHO**
Ukwenza umsebenzi onzima noma ukubhekana nesimo esilukhuni.

**ISIPHETHO**
Makuvele ukuthi useyayiphetha impendulo yakhe. Umbhali uwethule kahle lo mbono:

Enganekwaneni ethi, Ingwenya Edla Utshani isimo sokungaphephi kwezilwane senze ukuba izilwane ezabe zihlala eduze kwechibi likaMazinyo zisebenze ngokuzikhandla ukuze zigcine zinompompi emakhaya noma ziphuze ngamapayipi ukuze zingasondeli eduze kukaMazinyo nechibi lakhe. Zase zibonile ukuthi ziyaphela nguMazinyo owayezibamba azidonsele echibini. Zazuza ukuphepha kwazo. Ezibongweni Inkosi u-Albert Luthuli yasebenza ngokuzikhandla ukuze izuze imfundo eyenza yakwazi ukwelekelela ekulweleni inkululeko yabantu. Yadela konke ngisho nobukhosi ukuze itholele abantu inkululeko. Isisho sikhuluma ngokwenza umsebenzi onzima noma ukubhekana nesimo esilukhuni.

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 15: UMBUZO OMFUSHANE**

**INGANEKWANE: 'AMAHLAYA ALALA INSILA'**

15.1 Le nganekwane yethulwe ngendlela yobunganekwane, ngamagama athi Kwesukesukela, ashiwo ngumxoxi abalaleli bananele ngokuthi Cosu.
[Nikeza amamaki amabili uma esishilo isethulo] (2)

15.2 Isithakazelo sakwaMphephethwa savela ngoba babephephetha isihlabathi solwandle kusawoti. Uma-ke usawoti sebewunekile wase woma, bawuthatha bawusonge ngesikhumba bawuyise eNdlunkulu.
[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngendabuko yezithakazelo] (2)

15.3 UVelaphansi wenza ubudedengu obabungenza abulawe ngaso leso sikhathi ethi wenza ihlaya angatholi nesikhathi sokubaleka. Ubudedengu bakhe kwaqubula impi phakathi kwamabutho enkosi uShaka kanye namaPhephethe ngenxa yentukuthelo yenkosi ebangwa ukungahlonishwa.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umphumela] (2)

15.4 Umona awubuyiseli/umhobholo ungakufaka enkingeni. Impisi yagcina ilimele kanzima ngenxa yomhobholo yokuzifunele yona nomndeni wayo kuphela ihhashi elalifile eyayitshelwe nguHlakanyane ngalo.
[Nikeza amamaki amabili uma egagulile umyalezo wasekela] (2)

15.5 Izenzo zabo kazifani, impisi yawucabangela umndeni yawo uma izwa ukuthi kunehhashi elifile kanti uVelaphansi akawucabangelanga umndeni wakhe, wawufaka enkingeni ngokwenza ihlaya lamaqaqa anukayo./Izenzo zabo ziyafana bathatha izinqumo bengazicabangisisanga ezigcina zibeke impilo yabo engozini.
[Nikeza amamaki amathathu uma evezile ukuthi izenzo azifani/ziyafana wasekela] (3)

15.6 Umxoxi uphumelele kahle ukwethula igwijikhwebu ngoba impisi yazibophela emsileni wehhashi, yathuka uma livuka lingafile. Lokhu kwadala ukuba impisi ihudulwe ihhashi ize iphume amazinyo.
[Nikeza amamaki amathathu uma ephawulile wasekela] (3)

15.7 Isaga: Inkunzi iyazibeka./ Isisho: Ukuyibamba ishisa.
[Nikeza amamaki amabili uma esicabangile isaga/isisho] (2)

15.8 Imbongi isebenzise impindamqondo ukugcizelela ukuthi iSilo uDinuzulu salwa nezigodi/nezizwe ezimbili esakwaNgenetsheni nesaseBhanganoma.
[Nikeza amamaki amathathu uma eyivezile inhloso impindamqondo kulezi zibongo] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


15.9 Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa ukuxhumana sigcino, 'kaMaphitha' ukugcizelela ukunqoba kwenkosi uDinuzulu ibulala inzalo kaMaphitha. Ibutho lenkosi uDinizulu lavuka ekuseni kakhulu lathatha izikhali layohlasela amakhosi nezindawo ezahlukahlukene. Lafika lawanqoba wonke amadodana kaMaphitha, ukufa kwawo akushongo lutho.

[Nikeza amamaki amabili uma exoxile ngempumelelo yokusebenzisa ukuxhumana wasekela] (2)

15.10 Indikimba yempi/yobuqhawe ixhumana kahle nehubo ngoba amakhosi anjengesilo uDinuzulu ayewulwela umhlaba kodwa manje isizwe seswele nomhlaba wokulima ngenxa yokuthi umhlaba awusalwelwa.
[Nikeza amamaki amabili uma echaze kafushane ngendikimba wasekela] (2)

15.11 Ukuxhumanosiqalo, Ngubo yengwe!
Ngubo yesilwane!

[Nikeza amamaki amabili uma egagulile watomula ukuxhumana] (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Izigameko eziningi ezenziwe abalingiswa abakulo mdlalo ziyakholakala nakuba zikhona ezinye ezingakholakali. Lokhu kufakazelwa ngabalingiswa abangoMdaluli, uMaMlanduli, uChivenga, uLondiwe kanye noMbhebhezeli.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo nokwenziwa ngabanye abalingiswa ukufakazela ukukholakala nokungakholakali kwezinye zezigameko ezikulo mdlalo.

**Izigameko ezikholakalayo:**
- Isigameko sikaMdaluli sokuhluleka ukubhekana nesimo sokuphela komsebenzi siyakholakala. UMdaluli uyahluleka ukutshela inkosikazi yakhe uMaMlanduli ukuthi uphelelwe wumsebenzi. UMdaluli ukhiphela ukuxakeka kwakhe emndenini wakhe. Ushaya uMaMlanduli kanye nezingane zakhe. Uthakatha uChivenga, akugcini lapho uze umlalela unyendle umshaya ngemolontshisi.
- Isigameko sikaMaMlanduli sokweseka umyeni wakhe uMdaluli siyakholakala. UMdaluli uyena yedwa osebenzayo yingakho bonke kulo mndeni bethembele kuye. Uyamvakashela ngesikhathi eboshiwe, uphinde ancenge indodakazi yakhe uLondiwe ukuba isule icala.
- Isigameko sikaLondiwe sokulwela amalungelo siyakholakala. ULondiwe wenza imizamo yokuvikela unina uMaMlanduli ngesikhathi eshaywa nguMdaluli. ULondiwe uvulela uMdaluli icala lokuhlukumeza, uMdaluli uyaboshwa.
- Isigameko sikaHlengiwe sokuthandana noChivenga ngoba efuna imali siyakholakala. UHlengiwe uthandana noChivenga ngoba isoka lakhe elinguManqina lingasasebenzi.
- Isigameko sikaHeshane sokuhlangana noChivenga nokushadisa ngomgunyathi siyakholakala. UHeshane usebenza eMnyangweni wezaseKhaya, ushintsha isibongo epasini likaHlengiwe kuvele isibongo sikaChivenga.
- Isigameko sikaMdaluli sokucela ukubona uLondiwe noChivenga ukuze axolise siyakholakala.

**Izigameko ezingakholakali:**
- Isigameko sikaMaMlanduli sokuyalela uMdaluli ukuthi izingane zibaleke zashona ngakuphi ngesikhathi uMdaluli ezihubha ngesibhamu asikholakali. Akuvamisile ukuba umama onezinseka angancamela ukuba izingane zakhe zidutshulwe ngoba eseka umyeni wakhe.
- Isigameko sikaMdaluli sokuhlela uhambo lokuya eSudan engatsheli muntu emndenini wakhe asikholakali. Ziningi izinto okumele zenziwe ukwenza amalungiselelo uma uzothatha uhambo. Ukuthatha i-passport, ukwenza i-Visa kuthatha isikhathi ukuba lezi zinto ziphumelele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Kuyavela ukuthi nakulo mdlalo zikhona izigameko ezikholakalayo kanye nalezo ezingakholakali.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukukholakala kwezigameko kulo mdlalo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**IMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

17.1 Ithoni yokujabula/yokubongela/yokudlalisela. UChivenga ujabulela/ubongela/ udlalisela uHlengiwe uze amtshele ukuthi uyamazi kodwa usekhohliwe ukuthi ungowaphi.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo ithoni wasekela] (2)

17.2 Isizathu sokubakhona kodweshu lwangaphandle ukuthi uHlengiwe uxabana noChivenga uma ethi uyamazi, uphinde ambize ngekwerekwere, amcwase ngokuthi mfushane sengathi indlela eya endlini encane. Akafuni nokuzwa into ayishoyo uma ethi bayazana ngoba uyabona ukuthi uqamba amanga uChivenga.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane udweshu wasekela] (2)

17.3 Okungumehluko kulolu thando ukuthi uHlengiwe unothando lweqiniso ngoManqina kanti unothando mbumbulu ngoChivenga. Uyamethemba ukuthi nguyena ongamelekelela amephule ekushelweni uChivenga. Kanti akamthandi ngokweqiniso uChivenga ufuna imali yakhe njengoba uManqina esaphelelwe ngumsebenzi.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umehluko wasekela] (2)

17.4 Isisusa sodweshu ngukuthi uChivenga ushela uHlengiwe. UHlengiwe siyamcasula lesi senzo bese ebiza uChivenga ngamagama anokumcwasa ngokobuzwe. UHlengiwe ucabanga ukuthi lezi zinto azishoyo uChivenga azilona iqiniso futhi umenza isilima.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane] (3)

17.5 Umlandi usichazela ngemizwa kaMdaluli. UMdaluli ujabhile, ubhocobele, udangele akakwazi nokuchazela uMaMlanduli ukuthi kungani ephatheke kabi njengoba ebuya emsebenzini.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umsebenzi womlandi wasekela] (2)

17.6 La mazwi alekelele ukuqonda ukuthi isimo asisihle emzini kaMdaluli njengoba elahlekelwe ngumsebenzi.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukusetshenziswa kwamazwi wasekela]
[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

17.7 Ngicabanga ukuthi iqhaza elibanjwe nguChivenga ukuba yimbangi kaMdaluli kumsebenzi wobumeselandi. Ngakho-ke lokhu kwenza uMdaluli abe nodlame olubhebhethekayo kuze kukapakele nasemndenini wakhe.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo iqhaza elibanjwe nguChivenga]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

17.8 Ukubambisana kwezingane zakwaMemela kusize umndeni wazo ngoba zibikele omakhelwane kanye namaphoyisa ngodlame obelwenziwa ngubaba wazo kunina nakuzona uqobo. Lokhu kusizile ngoba uboshiwe wase uyasishintsha isenzo sakhe sokuhlukumeza.
[Nikeza amamaki amabili uma evezile ukubambisa komndeni wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

17.9 Isizathu sokuba khona kukaZenyezile ukuthi unguSonhlalakahle ubambe iqhaza lokufunela izingane zakwaMemela indawo ngenkathi zishaywa, zixoshwa uMdaluli. Unika uLondiwe icebo lokuthola imali yokufunda, abuye aduduze umndeni ukuthi uhlalele ethembeni nangenkathi kunokuzamazama komhlaba eSudan la kwakuye khona uMdaluli.
[Nikeza amamaki amabili uma esinikezile isizathu wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

17.10 Abantu besifazane babhekana nobunzima bokuthathelwa izinqumo ezinkulu bebe bengazi. NjengoHlengiwe wabona sekubuya ipasi elibiza isibongo angasazi. Lokhu kudala ubunzima bokuthi angabe esakwazi ukushada nomuntu azikhethele yena.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngobunzima wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

17.11 Ngiyazwelana naye ngoba uma uyingane yesikole uthembela kubazali bakho abakukhokhelayo esikoleni. ULondiwe wayethembele kuMdaluli ukuthi aqhubeke amkhokhele imali yesikole njengoba wayemkhokhela esasebenza.

Ngangiyokwamukela isimo, ngibike ekolishi, ngifake izicelo zomfundaze nesibonelelo sokufundiswa nguhulumeni, ngibuye ngelekele ngokubamba amatoho.

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba bekukhona uxhaso olunikwa abafundi ezikhungweni zemfundo ephakeme uma bephuma emizini ehlwempu. Ngingasebenzisa uSonhlalakahle/othisha ukuba bangilekelele ukwenza lesi sicelo.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuzwelana wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Izigameko eziningi ezenziwe ngabalingiswa abakulo mdlalo ziyakholakala nakuba zikhona ezinye izigameko ezikulo mdlalo ezingakholakali. Lokhu kufakazelwa ngabalingiswa abangoMphiliphili, inkosi uSalimani, abafowabo benkosi uSalimani, ijaji kanye nonongqayi.

**UMZIMBA**
Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo nokwenziwa ngabanye abalingiswa ukufakazela ukukholakala nokungakholakali kwezinye zezigameko ezikulo mdlalo.

**Izigameko ezikholakalayo**:

- Izigameko zenkosi uSalimani zokulwela umhlaba awuphethe ziyakholakala. Unqabela uZithulele ongundabazabantu ukuba agudlule umgcele wakwaVimbingwenya kanye noMkhabela. UZithulele wabe efuna ukunika abeLungu umhlaba wenkosi uSalimani.
- Isigameko senkosi uSalimani sokubonisana nabafowabo kuqala ngaphambi kokuba abize umhlangano wesizwe siyakholakala.
- Isigameko esenziwa inkosi uSalimani sokuvotisa isizwe sayo isebenzisa isu likabhontshisi omnyama nomhlophe ukuze uZithulele azozibonela mathupha ukuthi abantu bami ngakuphi siyakholakala.
- Isigameko sabafowabo bakaSalimani uMcondo, uMbongolo, uMcanjana noNodwengu sokweseka umfowabo oyinkosi uSalimani siyakholakala. Abafowabo benkosi bayayinika amaqhinga njalo uma ibacelile ukuba beze bezohlanganisa amakhanda.
- Isigameko sikaZithulele sokuzama ukuthatha umhlaba wenkosi uSalimani ngobuqili siyakholakala. Ufakazisa abeLungu abanjengoMgqabula into engelona iqiniso ukuthi umngcele wagudluka ngenxa yezimvula kwathatheka indawo yabeLungu.
- Isigameko sokuhlasela konongqayi, behlasele emzini kaMcondo siyakholakala. Kwachitheka igazi kwalimala abantu abaningi.
- Isigameko sikaMphiliphili sokuba yimbuka ebe engenye yezinduna zikaSalimani, ngenxa yenkinga yemali, siyakholakala. Uvuma ukuthengwa ngabelungu ukuze abathuthele izindaba. UMphiliphili ufaka ubhontshisi omhlophe ngosuku lokhetho okwakuwuphawu lokuhambisana noHulumeni okuyinto ekholakalayo.
- Isigameko sikaMphiliphili sokuba ngufakazi wamanga enkantolo ngempi ayengayibonanga ukuthi iqale kanjani siyakholakala.
- Isigameko sejali laseMgungundlovu sokuba limele iqiniso siyakholakala. Ijaji lithethisa umlungu onguMgqabula uma ehluleka ukuphendula imibuzo yomshushisi. Ijaji liyasicubungula isinqumo kanye nobufakazi obethulwa enkantolo eMshwathi. Ijaji lithatha isinqumo esivuna inkosi ngoba eMshwathi yabe ilahlwe yicala elingenabo ubufakazi obuyiqiniso. Ijaji lilahla uHulumeni ngecala, libuyisela izindawo zikaSalimani, uVimbingwenya, uMkhabela noMngeni. Liyalela uHulumeni kaSomtsewu ukuba akhokhele zonke izindleko zecala.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Izigameko ezingakholakali**:

- Isigameko sokulahlwa icala kwenkosi uSalimani aze ahlawuliswe ngokudliwa komhlaba wakhe ekubeni kwabe kungeyena odale lolu thuthuva asikholakali.
- Isigameko sokuba kungabibikho ingxabano noma ukungaboni ngaso linye kwabafowabo benkosi kanye nayo asikholakali. Esikhathini esiningi kuvamisile ukuba inkosi kube khona izimbangi zayo eziba seduze nayo.

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Kuyavela ukuthi nakulo mdlalo zikhona izigameko ezikholakalayo ezenziwa ngabalingiswa abehlukene nakuba zikhonyana nalezo okubukeka zingakholakali.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukukholakala kwezigameko kulo mdlalo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

19.1 Ithoni yentukuthelo. UMcanjana uthukutheliswa ngukuthi uMphiliphili akayiphenduli inkosi uma ibuza imibuzo.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo ithoni wasekela] (2)

19.2 Isizathu sokubakhona kodweshu lwangaphandle esokuthi inkosi uSalimani axabane noMphiliphili uma ezwa ukuthi ubekhuluma nabelungu ngaphandle kwemvume yakhe. Kanjalo noNondwengu noNomehlo bathethisa uMphiliphili ngokungezi ngokushesha ukuzobikela uSalimani ngabebekukhulume noNgoza.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane udweshu wasekela] (2)

19.3 Umehluko ukuthi uMphiliphili uyinduna engathembekile enkosini uSalimani, uhlangana nabelungu okunguhulumeni. Wamukela izipho ezifika noNgoza nemali yopondo aba-5 bamarandi ukuze abatshele ngokucatshangwa yinkosi uSalimani. UNomehlo uyinduna ethembekile kuSalimani, uvikela amabutho ngenkathi ehlaselwa ngabantu bakaMgqabula, uyalwa, kufe abantu basemapulazini.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umehluko wasekela] (3)

19.4 Isisusa sodweshu ukuthi inkosi uSalimani icasulwa wukuthi uMphiliphili uhleba ngayo kuNgoza nezikhulu zikahulumeni. UMphiliphili akayicelanga imvume yokukhuluma nezikhulu zikahulumeni futhi akayitshelanga inkosi ngobekukhulunywa ngemuva kwalowo mhlangano.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile kafushane] (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com


19.5 Umlandi usichazela ngomuzwa wenkosi uSalimani kanye nabantu bakhe nezenzo zabalingiswa. Uchaza umsindo wabantu abacasukile baphinde babheke induna uSiyobi ephakathi kwabo. Ubanikeza isiqiniseko sokuthi uyahambisana nodaba lokungathathwa komhlaba. USalimani othatha ikhefu abheke uMphiliphili kanye noSkhova othulisa umsindo.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umsebenzi womlandi wasekela] (2)

19.6 La mazwi angelekelele ukuthi ngiqonde isimo senhlalo esingesihle esizweni senkosi uSalimani njengoba abelungu befuna ukuqola umhlaba waso ngenkani. La mazwi aveza intukuthelo yenkosi uSalimani njengoba ifunga ukuthi akekho oyophisana ngomhlaba wayo isaphila.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukusetshenziswa kwamazwi wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

19.7 Ngicabanga ukuthi uSomtsewu ungumlomo kahulumeni. Uyena obhebhethekisa udweshu ngoba ufuna ukushintsha imiklamo yemingcele ezweni lenkosi uSalimani ngenkani nangobuqili.
[Nikeza amamaki amabili uma elivezile iqhaza wesekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

19.8 Ukubambisana kwenkosi uSalimani nabafowabo kusize ekutheni bakwazile ukwesekana ngemibono bemunye. Lokho kwenze ukuthi kube lula ukuthi bagcine belinqobile icala babuyelwe ngumhlaba wabo.
[Nikeza amamaki amabili uma ekuvezile ukubambisana wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

19.9 UBheswa uyinduna yebutho labesifazane. Lokhu kwenza enze isiqiniseko sokuthi nabesifazane bayaba nombono uma inkosi inemihlangano nesizwe sayo.
[Nikeza amamaki amabili uma esichazile isizathu wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

19.10 Inkosi ibhekana nobunzima bokuthi ayibi nesiqiniseko sokuthi izimfihlo nezindaba ezisemqoka zesizwe ziphephile. Ngenxa yokuthi uMphiliphili ube yimpimpi yabelungu bayakwazi ukuthola izindaba ezibalulekile zesizwe kuyena. Lokhu kubeka isizwe engcupheni ngoba uMphiliphili ungomunye wezinduna ezazi izimfihlo ezibucayi zesizwe.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngobunzima wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

19.11 Ngiyazwelana naye ngoba umyeni wakhe uhlale ematasatasa esenkundleni yamacala njengoba ehlezi esesigcawini ngenxa yokudingida udaba lomhlaba. Lokhu kumenza angabi nesikhathi asichitha nomndeni wakhe. Bengingababamba imihlangano ethuthukisa amakhono athize abesifazane endaweni ukuze ngichithe isizungu.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuzwelana wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

- Ungasebenzisa la maphuzu alandelayo njengomhlahlandlela wokumaka lo mbuzo.
- Ohlolwayo angaqhamuka nezinye izimpendulo ezishaya emhlolweni.
- Sebenzisa irubhrikhi esekhasini lama-33 ukumaka i-eseyi.

**ISINGENISO**
Izigameko eziningi ezenziwe abalingiswa abakulo mdlalo ziyakholakala kanti kukhona nezinye izigameko ezingakholakali. Lokhu kufakazelwa ngabalingiswa abangoPhindisiwe, uNkululeko, uMakhangela, uThamsanqa, uMathosi kanye nabanye abalingiswa.

**UMZIMBA**
**Izigameko ezikholakalayo:**

Ohlolwayo angasebenzisa la maphuzu alandelayo nokwenziwa ngabanye abalingiswa ukufakazela ukukholakala nokungakholakali kwezinye zezigameko ezikulo mdlalo.

- Isigameko sikaPhindisiwe sokuba nezimfihlo kumyeni wakhe ekubeni eshadile siyakholakala. Imfihlo yokuthandana Nonkululeko ebe eshadile aphinde athole umntwana ongayena owasemshadweni kuyakholakala.
- Isigameko sikaPhindisiwe sokuhlangana nezigebengu bayotshontsha imali ebhange baphinde futhi bahlela ukubulala uThamsanqa ukuze bazothola imali yomshwalense siyakholakala.
- Isigameko sikaThamsanqa sokuvikela umkakhe nezimfihlo anazo siyakholakala. UThamsanqa akabatsheli abazali bakhe ukuthi umkakhe uPhindisiwe wakufihla ukuthi unezingane ezimbili uThembalakhe noNokwethemba azitholela ekhaya bengakashadi siyakholakala.
- Isigameko sikaNkululeko sokuxabanisa uPhindisiwe nabazali bomyeni wakhe uThamsanqa siyakholakala. Uya kwaMathonsi uyofuna uPhindisiwe ubatshela ukuthi ungumkakhe. Ubuyela okwesibili esephethe ubufakazi bencwadi yomshado kanye nesitifiketi somshado okungokomgunyathi.
- Isigameko sikaKholekile sokusenga izindaba kumngani wakhe uPhindisiwe siyakholakala. UNkululeko usebenzisa uKholekile ukuba amthuthele izindaba kuPhindisiwe zokuthi uPhindisiwe unenkinga yemali.

**Izigameko ezingakholakali:**

- Isigameko sikaNkumbulo ongumngani kaThamsanqa sokuba nemfihlo ahleli nayo yokuthi uPhindisiwe wayethandana noNkululeko phambilini asikholakali. Lokhu kwakungavezi ubungani beqiniso.
- Isigameko sokuthi uNkululeko atshele abazali bakaThamsanqa ukuba uPhindisiwe uyinkosikazi yakhe asikholakali. Umuntu akakwazi ukushada kabili, kuphume incwadi yomshado engahlukanisile nomunye.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO (Uvo lohlolwayo)**
Kuyavela ukuthi nakulo mdlalo izigameko ezenziwa ngabalingiswa abehlukene ziyakholakala nakuba zikhona ezingakholakali.

(Abafundi bangasebenzisa namanye amaphuzu akhombisa ukukholakala nokungakholakali kwezigameko kulo mdlalo.)

**(Ohlolwayo makabeke uvo lwakhe, akhombise ukuthi useyayiphetha impendulo yombuzo)**

[Nikeza amamaki ngokuveza i-eseyi ehleleke kahle enezimpendulo ezinembayo/ izimpendulo ezinganikeziwe lapha] **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

21.1 Ithoni yendelelo/yokucasuka/yokudinwa. UPhindisiwe udelela uNkululeko umbiza ngesilima, umtshele ukuthi yingakho aboshwa ngoba akalaleli.
[Nikeza amamaki amabili uma eyishilo ithoni wasekela] (2)

21.2 Udweshu lwangaphandle ludalwa wukuthi uNkululeko ufuna babuyelane noPhindisiwe, baqale impilo entsha ndawonye. UPhindisiwe akafuni, umtshela ukuthi uqhubekile nempilo./UNkululeko uyamsongela umtshela ukuthi uzomkhombisa ukuthi ungubani yena futhi angamenzakalisa aphinde aboshwe futhi./UPhindisiwe uyamphendula ngokumedelela uphinde amtshele ukuthi naye angaziphindiselela esizwa ngabakubo.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile kafushane udweshu wasekela] (2)

21.3 Okungafani phakathi kwabo wukuthi banemibono engafani mayelana nokubuyelana kwabo. UNkululeko ufuna ukuthi babuyelane ngoba usamthanda uPhindisiwe kanti uPhindisiwe akasazimisele ngokubuyelana noNkululeko ngoba akasenaso isikhala sokugcina uthando lwakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma ewunikezile umehluko wasekela] (3)

21.4 Isisusa sodweshu indlela uPhindisiwe akhuluma ngayo noNkululeko. Umtshela ukuthi wayengaphoqwanga muntu uNkululeko ukuthi afihle indaba. Wakwenza lokho ngoba bethandana. Utshela uNkululeko ukuthi makaqhubeke nempilo ngoba naye uPhindisiwe useqhubekile neyakhe.
[Nikeza amamaki amathathu uma echazile ngesisusa sodweshu] (3)

21.5 Umlandi usichazela ngezenzo zikaNkululeko. UNkululeko ubheka phansi, akhombise ukuba novalo uma ekhuluma noMathonsi uze ahlahle amehlo, abheke isithombe esisodongweni, abuye athule bese eqhubeka nokukhuluma.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile umsebenzi wasekela] (2)

21.6 La mazwi abhalwe ngokugqamile angelekelele ukuba ngiqonde ukuthi isimo besisihle kodwa sesishintshwa ukufika komlisa abangamazi obatshela izindaba ezingezinhle ebe engumuntu osehambe isikhathi eside ekhaya wahlala eGoli.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


21.7 Ngicabanga ukuthi iqhaza elibanjwe nguMaKhangela elokuthi nguyena owanika uPhindisiwe imali yokuvala umlomo uNkululeko ukuze angayikhiphi imfihlo yokushayiswa kwengane nguPhindisiwe, icala lathwalwa nguNkululeko. Ukuphuma kwale mfihlo ebeyifihliwe ngemvalamlomo yikhona okubhebhethekise udweshu kulo mdlalo.
[Nikeza amamaki amabili uma eshilo iqhaza elibanjwe nguMakhangela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

21.8 Ukubambisana komphakathi namaphoyisa kusize ngokuthi umuntu wokuqala owayezokhipha imali ebhange okwakugqekeza kulo oNkululeko, yize wayephuthuma emsebenzini wakhipha umakhalekhukhwini wabikela amaphoyisa ngokwakusolisa ebhange. Lokhu kukhombisa ukubambisana phakathi komphakathi namaphoyisa.
[Nikeza amamaki amabili uma echazile ngokubambisana wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

21.9 Isizathu sokuba khona kukaNkumbulo wukuthi ungumngani kaThamsanqa obambe iqhaza elikhulu lokweluleka uThamsanqa ngokubika udaba lokushada kukaNkululeko noPhindisiwe kummeli nasemaphoyiseni.
[Nikeza amamaki amabili uma elivezile iqhaza wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

21.10 Laba bantu babhekana nobunzima ngoba abantu abasuke bebakhokhelile ukugqiba ubugebengu babo abaneli futhi zigcina zivele obala izindaba zabo. NjengoNkululeko wakhokhelwa nguPhindisiwe imali kodwa akanelanga wagcina eseveze obala imfihlo yokuthi uZiphozonke akayona ingane kaThamsanqa.
[Nikeza amamaki amathathu uma exoxile ngobunzima wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

21.11 Ngiyazwelana nomlingiswa onguThamsanqa ngoba umthanda ngokweqiniso uPhindisiwe wamukela incwadi esankondlo uyibeka esifubeni sakhe, akhale, njengoba uPhindisiwe exolisa, emcela ukuba amkhulisele izingane zakhe. Ukhumbula izifungo zabo zomshado abazenza. Bengingamuxolela ngoba ngisamthanda ngethemba lokuthi ufundile emaphutheni akhe.
[Nikeza amamaki amabili uma ewuvezile umbono wokuzwelana wasekela]
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## RUBHRIKHI YOLIMI LWASEKHAYA

## ISIQEPHU A: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WENKONDLO [AMAMAKI AYI-10]

| Izinkomba | Obekungalindelekile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE**<br><br>Ukuhunyushwa kwesihloko somqakuliswano (ukuqophisana) okunzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**6 AMAMAKI** | **5–6**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-umqakuliswano omuhle kakhulu ohlukene osekelwe kabanzi kubhekiswe enkondlweni<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenkondlo. | **4**<br>-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Umqakuliswano omuhle kakhulu kodwa awusekeliwe wonke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenkondlo luhle. | **3**<br>-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Kukhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Omunye umqakuliswano usekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi lwenkondlo olugculisayo. | **2**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela amaphuzu asekela isihloko<br>-Ulwazi lwenkondlo alugculisi kahle. | **0–1**<br>-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Akukho nhlobo okuhambisana nenkondlo<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenkondlo. |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI**<br><br>Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile komqakuliswano kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**4 AMAMAKI** | **4**<br>-Isakhiwo esihleleke kahle kakhulu<br>-Umqakuliswano uhleleke kahle kakhulu futhi uthungelana kahle kakhulu<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa komqondo, kuyaheha futhi kushaya emhlolweni<br>-Ulimi, ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba akunamaphutha nhlobo. | **3**<br>-Isakhiwo esihleleke kahle futhi nomqakuliswano ogeleza ngokulandelana kahle<br>-Ukugeleza komqakuliswano kuyalandeleka<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | **2**<br>-Kukhona nokho ukuhleleka kwesakhiwo<br>-Umqakuliswano awugelezi futhi awuhlelekile<br>-Amaphutha olimi ayingcosana, ithoni kanye nesitayela kusetshenziswe ngokugculisayo. | **1**<br>-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ezingeni lokuhleleka<br>-Umqakuliswano awuhlelekile ngokugculisayo<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi<br>-Ithoni nesitayela akugculisi kahle. | **0–1**<br>-Isakhiwo asihlelekile kahle neze<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |

**QAPHELA**: **Uma ohlolwayo engazange abhale sanhlobo ngokubuziwe, waqoka ukuziqmbela i-eseyi akatholi lutho amamaki okuqukethwe kanye nesakhiwo nolimi**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B KANYE NESIQEPHU C: IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBUZO OMUDE WOMBHALO WOBUCIKO: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO KANYE NOMDLALO [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Izinkomba | Obekungalindelekile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akugculisi nhlobo |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE**<br><br>Ukuhunyushwa kwesihloko somqakuliswano (ukuqophisana) onzulu, ukusekela kanye nokuqonda kabanzi ithekisthi.<br><br>**15 AMAMAKI** | **12–15**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko okunzulu<br>-Umqakuliswano omuhle kakhulu ohlukene osekelwe kabanzi kubhekiswe kunoveli/ ubuciko bomomo nomdlalo<br>-Ulwazi oluhle kakhulu lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **9–11**<br>-Ukhombisa ulwazi ngesihloko futhi usihumushe kahle<br>-Impendulo echaza ngokwenelisayo<br>-Umqakuliswano omuhle kakhulu kodwa awusekeliwe wonke ngendlela elindelekile<br>-Ulwazi lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo luyabonakala. | **6–8**<br>-Isihloko usihlaziye ngokugculisayo<br>-Akhona amaphuzu amahle asekela isihloko<br>-Okunye umqakuliswano usekeliwe kodwa ubufakazi bubuye bungagculisi kwenye inkathi<br>-Ulwazi olungenele lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **4–5**<br>-Ukuhunyushwa kwesihloko akugculisi kahle<br>-Kuthukela kuvela umqakuliswano osekela isihloko<br>-Ulwazi oluncane lwenoveli/ubuciko bomlomo nomdlalo. | **0–3**<br>-Akanalo nhlobo ulwazi lwesihloko<br>-Umqakuliswano awugculisi<br>-Ohlolwayo akanalo nhlobo ulwazi lwenoveli/ ubuciko bomlomo nomdlalo |
| **ISAKHIWO KANYE NOLIMI**<br><br>Isakhiwo, ukugeleza okuhlelekile komqakuliswano kanye nokwethula<br>Ulimi, ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe embuzweni omude.<br><br>**10 AMAMAKI** | **8–10**<br>-Isakhiwo silandelana kahle kakhulu<br>-Isingeniso kanye nesiphetho okuhle kakhulu<br>-Umqakuliswano obekeke kahle kakhulu futhi uthungelana kahle<br>-Ulimi ithoni kanye nesitayela kukhombisa ukuvuthwa, kuyancomeka futhi kushaya emhlolweni. | **6–7**<br>-Isakhiwo esihle kanye nomqakuliswano ohleleke kahle<br>-Isingeniso, isiphetho kanye nezinye izigaba kuhleleke kahle<br>-Umqakuliswano ugeleza kahle<br>-Ulimi, ithoni kanye nesitayela kuhle. | **4–5**<br>-Isakhiwo siyabonakala kancane<br>-Ukugeleza kanye nokulandelana komqakuliswano kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Amaphutha olimi ambalwa; ithoni kanye nesitayela esisetshenzisiwe sifanelekile<br>-Izigaba eziningi zibhaleke kahle. | **2–3**<br>-Isakhiwo sikhombisa amaphutha ekuhlelweni kwaso<br>-Umqakuliswano awuhlelekile kahle<br>-Amaphutha olimi agqamile<br>-Ithoni nesitayela kusetshenziswe ngokungafanele<br>-Ukuhleleka kwezigaba kunamaphutha. | **0–1**<br>-Isakhiwo asihlelekile kahle kuze kuphazamise umqakuliswano<br>-Ulimi lunamaphutha amaningi kanye nesitayela esingagculisi neze. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **20–25** | **15–19** | **10–14** | **5–9** | **0–4** |

- **Akufanele kube nomehluko odlula amazinga amabili phakathi kwamamaki esakhiwo nolimi kanye namamaki wokuqukethwe.**
- **Impendulo yokuziqambela kufanele inikezwe u-0 kokuqukethwe no-0 isakhiwo nolimi.**